


ICALA

 Okokufundwa komBhalo, kulentambama, eNcwadini kaMarku, isahluko 16 sikaMarku. Futhi ngifuna nime, namaBhayibheli enu, njengoba sifunda iZwi likaNkulunkulu. UMarku 16, kuqala ngevesi 9.

Manje uJesu esevukile kusekuseni ngosuku lokuqala lweviki, wabonakala kuqala kuye uMariya Magdalena, ayekhiphe kuye amademoni ayisikhombisa.

Yena wahamba wababikela labo ababenaye, besilila bekhala.

Kwathi bona, sebezile ukuthi uyaphila, nokuthi uboniwe nguye, abaze bakholwa.

Emva kwalokho wabonakala ngezinye izimo, kwababili. . . (Ngiyaxolisa.)

Emva kwalokho wabonakala ngesinye isimo kwababili, behamba, beya emaphandleni.

Nalabo bahamba babikela abanye: abaze. . . bakholwa

Kamuva, wabonakala kwabayishumi nanye behlezi ekudleni, wabasola ngokungakholwa kwabo nangobulukhuni benhliziyo, ngokuba bengakholwanga yilabo abambonileyo esevukile.

² Akusiso isithombe leso namhlanje! Abakholwa ukuthi ungfakazi onjalo.

Wayesethi kubo, Hambani niye ezweni lonke, nishumayele ivangeli kukho konke okudaliweyo.

Okholwayo abhaphathizwe uyakusindiswa; kepha ongakholwayo uyakulahlwa.

³ Lokho nje kwenza umugqa, uhlangothi olulodwa noma olunye.

Nalezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo; Ngegama lami bayakukhipha amademoni; bashumayele ngezilimi ezintsha;

Baphathe izinyoka; uma bephuza okubulalayo, akusoze kwaba-nangozi; bayakubeka izandla zabo phezu kwabagulayo, . . . basinde.

Njalo-ke iNkosi isikhulumile kubo, yakhushulelwa ezulwini, yahlala ngakwesokunene sikaNkulunkulu.

Kepha bona bephuma, . . . beshumayela ezindaweni zonke, iNkosi isebenza nabo, . . . iqinisa izwi ngezibonakaliso ezilandelayo. Amen.

Asikhothamise amakhanda ethu.

⁴ Nkosi, sikholwa ukuthi lokhu ngukuthunywa kokugcina ebandleni. Sikholwa ukuthi iZwi lenziwa inyama futhi lakha phakathi kwethu. Futhi sikholwa ukuthi noma iyiphi indoda ayingcono kunezwi layo, ngakho-ke sikholwa ukuthi leliZwi nguWe. Futhi sikholwa ukuthi nguWe, okungukuthi, nguwe izolo, namuhla, naphakade. Woza, namhlanje, O Baba Nkulunkulu, ngesimo seZwi, kithi, futhi makuthi abantu babone ukuthi Wena unguKristu ovukileyo, futhi wavuswa kulolusuku lokugcina, ngesimo Owathi Uyoba kuso, iZwi elibonakalisiwe. Ngenkathi Usemhlabeni, WawuyiZwi eliprofethiwe, elibonakaliswe esimweni somuntu. NeZwi liprofethelwe lolusuku. Woza, Nkosi Jesu, futhi uLilethe kithi, namhlanje, iZwi. Yenza ukuhumusha kwaKho kweZwi, ukuze sizoba noku “jabula okungakhulumeki, nokugcwele inkazimulo.” Kakhulu ngangokuthi siKuthole uthokozisa, futhi sathola amaZwi aKho eyiqiniso futhi eqinisiwe ezinhliziyweni zethu, ukuthi sedlulile ekufeni sangena ekuPhileni.

⁵ Thina sonke esizalwa yilowo muthi owodwa ensimini yaseEdeni, owawunqatshelwe ukuba uthintwe, owesifazane, ngokuba kuye akukho kuphila; kuphela uyiqanda. Ukuphila kuvela eNdodeni, okwakunguKristu. Futhi sizalwe ngowesifazane, futhi, njengoba iBhayibheli lisitshela, “owezinsuku ezimbalwa, futhi ezigcwele usizi nenkathazo.”

⁶ Baba, sizalwe futhi ngokunikeza ukuPhila, okuvela eNdodeni. Isilisa siza esifazaneni, nembwana ivela esiliseni; njengoba uMoya waKho wasibekela intombi, nasesizalweni sayo kwadalwa inhlayiya yeGazi; inhlayiya yeGazi, hhayi eyeJuda, hhayi eyeZizwe, kodwa uNkulunkulu, wadala iGazi. KuleloGazi, sinamathemba ethu. Kwakungesiyo eyowesifazane, kanjalo kungesiyo eyowesilisa; yayingekaNkulunkulu.

⁷ Ngakho siyakhuleka namhlanje, Nkosi, njengoba sizibonile thina qobo lwethu singabahlanganyeli bomuthi-wesifazane, futhi sonke sifanele sife ngoba akukho kuphila kowesifazane, manje futhi, Baba, sinikezwe inhlanhla ukuhlanganyela eMthini-weSilisa, okwakunguKristu. Futhi manje, ngaYe, sinokuPhila, ukuPhila, iZwi, lenziwa ukuPhila phakathi kwethu. Siphe, Nkosi, ukuthi lezizinto zizoba yizinto ezikhona ngempela kakhulu eBandleni, ukuthi bazobona, futhi sizozonda ihora esiphila kulo.

⁸ Philisa abagulayo nabahluphekile. Kwangathi kungebebikho-muntu obuthakathaka phakathi kwethu, kulentambama, uma lenkonzo isivala. Kwangathi ingakhunjulwa kade phakathi kwabantu! Kwangathi izinceku zaKho, a—abelusi, abelusi bezimvu, kwangathi nje bangaphefumulelwa kakhulu kuze kuthi amabandla abo ayogugulwa ngokuqavile futhi kwenzeke izinkonzo ezinkulu, futhi kuqalwe imvuselelo yohlobo oludala khona lapha kulelidolobha, phakathi kwabo, eziyoshanela isifundazwe

nesizwe, futhi ngisho nomhlaba wonke. Siphe khona, Nkosi. Ubambe izihluthulelo zalomkhuleko esandleni saKho. Sisize, siyakhuleka, eGameni likaJesu. Amen.

Ningahlala phansi.

⁹ UNkulunkulu kufanele alethe ukwahlulelwa phezu komhlaba. Futhi uNkulunkulu ufanele abe nento ethize lapha, umgomo, ukwahlulela izwe ngawo, ngoba kuyoba ngukungalungi, kuNkulunkulu, ukwahlulela izwe, nezwe lingazi mgomo elifanele lihambe ngawo. Bangaki okholwayo ukuthi lokho yiqiniso na? Uma ibandla lingumgomo, yiliphi eliyiwo na? IZwi, uNkulunkulu wathi Uyolehlulela izwe ngoJesu Kristu. UyiZwi. “Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba-yinyama wakha phakathi kwethu.” “Onguyena izolo, namuhla, naphakade.”

¹⁰ Manje ngifuna ukukhuluma kini kulentambama ngendaba exakile kakhulu, ingahle ibe njalo kini. Kodwa, kulendaba, ngizoqulisa iNkosi yami icala e—elinobulungiswa. Angicabangi ukuthi Wathola uhlobo olukahle lokuquliswa icala phambi kwekantolo kaPilatu. A—angikholwa ukuthi ukuthi Waba—Wabanokuquliswa icala okukahle, ngakho-ke bathola iphutha kuYe, futhi baMlahla ngecala futhi baMbethela. Kodwa sizokwenza, kulentambama, njengakulelicala.

Futhi wena uthi, “UngaMqulisa icala na?”

¹¹ Uma Ehlala eyiZwi, singaMqulisa icala, ngoba UyiZwi namanje. Futhi singaMqulisa icala. Futhi ngifuna ukubona ukuthi kulenkantolo, kulentambama, njengoba sithatha lendlu ukumela inkantolo, ukuthi sifuna ukubona ukuthi Uthola ukuquliswa icala okunobulungiswa, noma ngabe Uyalinqoba noma liyaMlahla. Sifuna ukunikeza izinhlangothi zombili. Bese kuthi-ke, kulelicala, ngifuna ukuMvivinya, okuyiZwi.

¹² Manje, lomBhalo lowo engiwufundile nje, uMarku isahluko 16, ngisho uDokotela Scofield lapha uthi, “Kusukela evesini 9 kuqhubeke, awutholakali emibhalweni emibili emidala kunayoyonke engagabi yincwadi.” Kukholwakala ngokwejwayelekile phakathi kwabantu, ukuthi, othisha bethu namhlanje abafuna ukukholwa ngaleyondlela, ukuthi kujovelwe phakathi lapho yiVatican.

¹³ Kodwa ngithola ukuthi uIrenaeus nabaningi bababhali basekuqaleni bakhomba kuMarku 16. Njengoba nina bantu abanye abatadisha umlando, umlando weBhayibheli, niyazi ukuthi labo baphostoli basekuqaleni, futhi ngisho emva kokufa kukaJesu, futhi ngenkathi uPolycarp, noIrenaeus, noMartin oNgcwele, noColumba’s oNgcwele, nabobonke labo, bakhomba emuva kuloMarku 16. Ngakho kufanele ukuthi kwakukade kungokukholekayo, kungenjalo babengeke neze bakhombe kukho. Futhi uJohane oNgcwele kwakunguye

owahlela izincwadi ndawonye, noPolycarp wayengumngani wesifuba futhi wamsiza ukukwenza, ngokomlando.

¹⁴ Manje sithola ukuthi namhlanje abakukholwa lokho. Bazama ukusuka ebuqinisweni bukaNkulunkulu enguye ngempela; esikhundleni, nje sesimemezelo noma isivumokholo. UNkulunkulu wangempela, lesisahluko sizokufakazisa ukuba yikho, futhi bonke ubufakazi abangabuthola.

¹⁵ Njengothisha omkhulu othize, umongameli weziMishini zaseSudan, unkosikazi wami omncane ngaleya wayekhona ngenkathi efika endaweni yami, uParis Reidhead. Futhi wathi, “Mfowethu Branham, ngiyaqonda ukuthi wawuyiBaptisti.”

Ngathi, “Yebo, mnumzane, kunjalo.”

¹⁶ Futhi wathi, “Awu,” wathi, “Ngifuna ukukubuza okuthize.” Wathi, “Ngenkathi ngisengumfanyana,” wathi, “ngaba nesehlakalo. Futhi umama wami wayewasha nayo yonke into, ukungithumela esikoleni. Futhi ngacabanga, impela, ukuthi ngenkathi ngithola uB.A. wami, ukuthi ngangizothola uKristu.” Wathi, “Lokho, ngenkathi nginikezwa lokho, angikutholanga. Ngenkathi ngithola iZiqu zami zobuDokotela, ngangicabanga ukuthi ngangizoKuthola. Ngenkathi ngithola iLLD yami, ngangicabanga ukuthi ngangizoKuthola.” Wathi, “Mfowethu Branham, ngineziqu ezenele, zombili zokwazi ukufunda no—nokwazi ukufunda kanti futhi nezokuhlonishwa, ebengingaplastela izindonga zakho ngazo. Kodwa uphi uNkulunkulu weBhayibheli na?” Wathi, “Ngabe othisha ubenephutha na?”

Ngathi, “Ngingubani mina ukuba ngithi othisha ubenephutha na?”

¹⁷ Wathi, “Awu, nakhu engikuqondayo, ukuthi usuphenduke waba yiPentecostal.”

¹⁸ Ngase ngithi, “Awu, angisho ukuthi ngi...Ngikholwa ukuthi, ngenkathi ngizalwa eMbusweni kaNkulunkulu, ngaba yipentecostal ngokuzenzekelayo,” ngathi, “ngoba iphentekoste ayisiyo inhlangano. Bazamile ukuyenza, kodwa ayisiyo. UNkulunkulu uyogwalisa iPresbyterian, iLuthela, kumbe noma ngabe ungubani. Niyabo, ngakho yisehlakalo futhi akusiyo inhlangano. Ungeke wayihlela. Yisehlakalo.”

¹⁹ Wayesethi, “Awu, ngifuna ukukutshela ukuthi kwenzekani.” Wathi, “Kusuka eNdiya, ngalezizinsuku, bathumela abantu ngapha ngemfundo yabo.” Wathi, “Esikoleni sethu, kwakunomfana okahle weNdiya oza ngapha wase ethola imfundo yakhe. Futhi ngenkathi esebuyela emuva...” Ngicabanga ukuthi wayezoba ngu, ngiyacabanga, unjiniyela kagesi noma okuthize. Wathi, “Kodwa ngenkathi si...”

²⁰ Banesikole njengoba nje uMfowethu Oral Roberts enaso enhla lapho. Bafundisa ubunjiniyela nanoma yini.

21 Ngakho wathi, “Sesibuyela emuva, mina nomunye umfundisi, sathi kuye, ‘Manje, sengibuyela eNdiya...’” Futhi niyazi a—amaNdiya akhonza uMohamede. Wayesethi, “Awumyeki ngani umprofethi wakho omdala ofile, bese wemukela iNkosi uJesu ovukileyo; bese uthatha uNkulunkulu wangempela ubuyele eNdiya naye, utshele abantu bakini na?”

22 Wathi, “Mnumzane,” wathi, “yini iNkosi yenu uJesu abengangezela yona engaphezulu kunaleyo umprofethi wami angayenza na?”

23 Wayesethi, “Awu, iNkosi yami uJesu angakunika ukuPhila okuPhakade. Yisithembiso eZwini.”

24 Wathi, “Umprofethi wami, uMohamede, wethembisa into efanayo, ezwini lakhe.”

25 Wayesethi, “Awu, uyabo,” wathi, “iNkosi yami uJesu uvukile kwabafileyo. Umprofethi wakho usethuneni.”

26 Wathi, “Wavuka kwabafileyo na?” Wathi, “Nibe neminyaka eyizinkulungwane ezimbili ukuba nikufakazise, futhi amaphesente angamashumi ayisishiyagalombili ezwe akaze ezwe ngakho.” Wathi, “Ake uMohamede avuke kwabafileyo, nomhlaba wonke uyokwazi, ngamahora angamashumi amabili-nane.”

27 Manje, wathi, “Awu, buka,” wathi, “uJesu uvukile kwabafileyo.” Wathi, “Ngingakufakazisa ngoba Uphila phakathi kwenhliziyo yami,” kusho umKristu.

28 NokaMohamede wathi, “Futhi, mnumzane, uMohamede uphila enhliziyweni yami.”

Wathi, “Kodwa, uyabo, sinamandla nenjabulo.”

29 Wathi, “Mnumzane, inkolo kaMohamede ingayiveza kakhulu impela nje injulamqondo isayikholoji njengoba ubuKristu bungayiveza.” Nalelo yiqiniso.

30 Ngibonile balala emgwaqeni futhi bampompoloze, “Ala,” futhi bangene esimweni esinjalo, bangathatha... UBilly nami sama futhi sabhekisisa indoda ifaka inkemba ngqo phansi kwenhliziyo yayo; nodokotela wasukuma lapho futhi wathela amanzi kuyo, futhi ayaphuma; yayidonsa yayikhipha, futhi ayizange iyilimaze. Sibabona bethatha izingcezu zezinkuni, futhi bethathe phansi kwezinzapho zabo bese bezigwaza ngazo, bese befaka amawuku phezulu ekhaleni labo, futhi bangakuzwa ngisho neze noma bophe iconsi. Bangaveza eningi kakhulu injulamqondo isayikholoji kunoma ubuKristu bungayiveza.

31 NoMnu. Reidhead wathi kimi, wathi, “Ngangazi ukuthi ngangingakhulumi nomfana othize wobusuku obubodwa. Futhi wathi, “Thina bakaMohamede silindile.”

32 Njengoba benza kumfowethu oyiqhawe, uBilly Graham, nakufunda ephepheni, ngenkathi okaMohamede efika

kuMnu. Graham, wayesethi, “Thatha abantu abagulayo abangamashumi amathathu, nami ngizothatha abantu abagulayo abangamashumi amathathu; futhi uphilise amashumi akho amathathu, nami ngizophilisa amashumi ami amathathu ngoMohamede,” niyabo, uMnu. Graham wabaleka enkundleni. Akakwazanga ukumphendula.

³³ Angikholwa ukuthi ngangiyokwenza lokho. Ngangiyoba njengabantwana bamaHeberu, “UNkulunkulu wethu unamandla okusikhulula kulokhu.” Akathumanga ngani, alande uOral Roberts noma omunye umuntu na? Uma wayengakholelwa kuLokho, athumele ukuba alande omunye umuntu owayeKukholwa. Kodwa, niyabo, ngokwamahlelo, o, babeyomlahlela ngaphandle ngayo leyonkathi. Unomsebenzi afanele awenze.

³⁴ Nokho, wayesethi-ke, “Uma thina, phesheya eNdiya, sibona nina—nina maKristu niveza lokho uJesu athi niyokwenza,” wathi, “khona-ke siyonikholwa.” Wathi, “Wathi Wavuka kwabafileyo, nabantu bayokwazi ngoba niyokwenza imisebenzi efanayo naYenzayo.”

“Awu,” wathi, “senza imisebenzi emikhulu kuneminye.”

³⁵ Wathi, “Angizange ngithi ‘Emikhulu kuneminye.’ Ngifuna nje ukubona imisebenzi Ayenza, kuqala.” Ngani, ukhuluma, uyazi ukuthi awukhulumi nomfo omncane othize ezansi ekhoni, uma ukhuluma nomunye walabo betheo-...bona nesayensi yabo yezenkolo. Ngakho wathi, “Sifuna ukubona imisebenzi Ayenzayo.”

“O,” wathi, “mhlampe ubhekisele kuMarku 16?”

³⁶ Wathi, “Yebo, mnumzane. Lokho ngokunye kwakho, ukuthuma kwaKhe kokugcina ebandleni.”

³⁷ Wathi, “Awu, manje, uyabo,” wathi, “inqwaba yabantu ngokobuhlanya ikholwa yilesosahluko.” Wathi, “Kodwa sifundile, izifundiswa ezinkulu ezingcono esikoleni, ukuthi uMarku 16, kusukela evesini 9 kuqhubeke, akaphefumulelwe ngempela.”

³⁸ Wathi, “Ngani, Mnu. Reidhead!” Wathi, “Iyiphi pho ingxenyane ephefumulelwe na?” Wathi, “Mhlawumbe konke okunye kwaWo kuphefumulelwe. Lonke iKoran liphefumulelwe. Nhloboni yencwadi oyifundayo, ethiwa iBhayibheli na?”

³⁹ Wathi, “Ngikwenzile enhliziyweni yami bengizoza ngizokhuluma nawe. Ya, bengizokhuluma nawe.”

⁴⁰ Nakho lapho okhona. Uma *Lokhu* kungaphefumulelwe, manje-ke kuthiwani ngakho konke okwakho na?

⁴¹ Kungikhumbuzwa ngenenekazi eChicago. Umfana walo wasuka waya ekholiji, ukuba afundele ukuba ngumfundisi, enye iBhayibheli-sikole nekholoji. Futhi esahambile, umama omdala wagula kabi ngempela. Futhi ngakho bathumela izwi kumfana

ukuba ‘ame ngomumo,’ unina enemfiva ephakeme kakhulu impela, wayenenyumoniya, futhi wathi (yena) ku—kungahle kube wucingo oluphuthumayo. Ngakho umfana wapakisha izingubo zakhe zokugqoka wase elungela. Ekugcineni, ngosuku olulandelayo, akazange ezwe izwi ubusuku bonke, futhi ngosuku olulandelayo, bathi, “Konke kuhamba kahle.”

⁴² Ngakho cishe sekungunyaka kamuva, wabuya esikoleni eMpumalanga, isikole esithize esikhulu sokufundisa. Wayesefika ekhaya wayesebingelela unina oligugu, wayesethi, emva kokuxoxa isikhashana, wathi, “Mama, angizange ngilithole ithuba lokukubuza ukuthi kwenzekani.” Wathi, “Ngobunye ubusuku bangitshela ukuba ‘ngime ngomumo’, futhi ngokusa okulandelayo, bathi wawusu ‘philile.’” Wathi, “Muthi muni wokwelapha u—udokotela awusebenzisayo na?”

Wathi, “S’thandwa, udokotela akasebenzisanga lutho.”

Wathi, “Awu, wakwenza kanjani na?”

⁴³ Wathi, “Uyazi lapho leyomishini encane ekhona ezansi lapha e . . . cishe impela esihibeni, lapho esikweleni?”

“Yebo.”

⁴⁴ Wathi, “Kwakukhona inenekazi. Babenomhlangano womkhuleko ezansi lapho, ngobunye ubusuku, kulemishini encane, lesosigejane esizihluphekelayo esincane sabantu abazithobile, futhi,” wathi, “omunye wabo wayephefumulelwe ukuba enyukele lapha futhi angibone. Kwase kufika abesifazane ababili, base bengibuza ukuthi bangemenyuse yini umelusi wabo futhi—futhi angikhulekele, futhi angicobe ngamafutha, futhi—futhi,” wathi, “futhi babeke izandla zabo phezu kwami, ukuba ngisinde.” Futhi wathi, “Uyazi, ngabatshela ukuthi ‘impela.’ Base benyusa umelusi, wayesebeka izandla zakhe phezu kwami, wayesekhuleka.” Wayesethi, “S’thandwa, wakufunda eBhayibheli ngqo, uMarku isahluko 16, wathi, ‘Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.’” Wayesethi, “Uyazi ukuthini? Ngakusasa okulandelayo, udokotela wayedideke kakhulu, wayengazi ukuthi enzeni. Kwakungekho mfiva kimi.”

⁴⁵ “O,” wathi, “mama, awuzange uzihlanganise naleloqembu, wazihlanganisa na?” Wathi, “Uyabo,” wathi, “thina esikoleni, safunda ukuthi uMarku 16, kusukela evesini 9 kuqhubeke, akaphefumulelwe.”

Wathi, “Udumo kuNkulunkulu!”

⁴⁶ “Ngani,” wathi, “mama, usuqala ukwenza njengalabobantu.”

⁴⁷ Wathi, “Bengicabanga into ethize nje.” Wathi, “Kade ngifunda iBhayibheli, yonke indlela, nezinye izithembiso kwezinye izindawo, futhi, zifana nalokho.” Wayesethi, “Bengicabanga nje, uma uNkulunkulu wakwazi ukungiphilisa

ngokungaphefumulelwe, Wayeyokwenzani ngalokho ngempela okuphefumulelwe na?" Kunjalo.

⁴⁸ Kimi, konke kuphefumulelwe. Nkulunkulu, ngiphe ukukholwa ukuba ngikukholwe futhi ngikuqinisekise!

⁴⁹ Manje sizoshintsha manje, okwemizuzu embalwa nje, ngecala lasenkantolo. Manje, khumbulani, siyongena enkantolo, ukuletha uJesu, uNkulunkulu, esigcawini lapha, futhi siMqulise icala elinobuqotho. Useyilo iZwi, ngisho nangalolusuku, (niyakukholwa na?), kuyafana nje njengoba WayeyiZwi ngaleyonkathi. [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

⁵⁰ Manje, lelicala, imbangela yalo ingukuthi, yi—yiZwi lezithembiso zikaNkulunkulu libhekene nezwe. Manje thola ukuhleleka kahle ngempela kungenjalo awusoze wakubamba. Imbangela yalokhu kubekwa icala, kungukwepfulwa kwesithembiso, "UNkulunkulu engaligcini iZwi laKhe." Kungukwepfulwa kwesithembiso. Niyazi ukuthi siyini.

⁵¹ Manje, njalo sithola ukuthi ummeli oshushisayo uzofanele amele umbuso, ngikholwa ukuthi kunjalo, ummeli oshushisayo. Uma kukhona ummeli ohlezi lapha, ngithemba ukuthi ngikuthole kahle lokhu. Ummeli oshushisayo uzomela umbuso. Ngakho ummeli oshushisayo kulelicala ngudeveli, eshushisa iZwi likaNkulunkulu.

⁵² UMmangalelwa waleliZwi, nguNkulunkulu qobo lwaKhe, ngoba UyiZwi.

UFakazi oVikelayo, kulelicala, nguMoya oNgcwele.

⁵³ Futhi u—umshushisi unabanye ofakazi lapha kulentambama. Nalabofakazi, omunye wabo, nguMnu. Ang'kholwa, olandelayo nguMnu. Mnqikazi, nolandelayo nguMnu. Ang'bekezeli. Bazolethwa emsamo, futhi bafungiswe, futhi bavivinywe.

⁵⁴ Manje ninokuhleleka kwenkantolo, uNkulunkulu ubekwa icala yizwe, ngoba, "Akalgicini iZwi laKhe." Nommeli oshushisayo umele umbuso, omele izwe. Nommeli oshushisayo ngudeveli, ophikayo ukuthi iZwi liqinisele.

⁵⁵ Nommeli oshushisayo, okofakazi bakhe, uletha ofakazi abathathu ukumelana neZwi likaNkulunkulu. Futhi ukufakazisa, azokufakazisa kini, kulentambama, ukuthi, "UNkulunkulu akalgicini iZwi laKhe, futhi aLi—aLifanele lithintwe. Alisilo iqiniso nje. Akukho lutho okwaLo okuyiqiniso."

⁵⁶ NoMmangalelwa nguNkulunkulu, onguMqalisi neZwi, lalolusuku, elifanayo njengalolosuku kumbe noma yiluphi olunye usuku.

Nommeli oshushisayo unofakazi bakhe.

⁵⁷ Manje wena uthi, “Baphi abasizi bajaji na?” Ngikhuluma nabo. Yinina abasizi bejaji, kanti futhi niyijaji. Manje kubekeni emqondweni lokho, niyikho kokubili abasizi bejaji nejaji, ecaleni. Mina ngingumkhulumeli nje.

⁵⁸ Manje sinenkantolo ihlezi. Manje umshushisi ucela ukuba kuthulwe. Kuthuliswa inkantolo, kulentambama, ukuletha lelicala kwe—kwelamanqamu.

⁵⁹ Manje abantu abaningi unitshelile ukuthi, “IZwi likaNkulunkulu alithembekile. Ungeke wathembela kuLo,” kanjalo njalo, futhi nikuzwile konke lokhu. Manje asiLilethe ekuqulweni kwecala kweqiniso. Bangaki ovumayo, phakamisa isandla sakho bese uthi, “Ngingathanda ukuzwa; noJesu Kristu, oyiZwi, ethola ukuquliswa icala okunobuqotho?” Futhi enkantolo yethu, kulentambama, sizoMqulisa icala elinobuqotho. Nje kudedelwe isitha sithathe amazwi esitha, futhi noma ngabe yini esizoyisho, futhi sibone ukuthi kuqinisile yini. Asikumbe phansi futhi sinike uJesu Kristu, iZwi, ukuqulwa kwecala okunobuqotho kulentambama.

⁶⁰ Manje, inkantolo iyathuliswa, ufakazi wokuqala umshushisi afuna ukumletha ebhokisini ngu...ebhokisini nguMnu. Ang’kholwa. Uya ebhokisini ukuba afakaze. Manje khumbulani, uMnu. Ang’kholwa. Ningabageji lababalingiswa manje, kungenjalo nizogeja into ethize, ningahle nigeje ukuphiliswa kwenu.

⁶¹ UMnu. Ang’kholwa uza ebhokisini, ukuba afakaze. Ukukhononda kwakhe kungukuthi, ukuthi, “Lonke iZwi likaNkulunkulu lesithembiso aliqinisile. Aliqinisile.” Uzisho ukuthi, kuMarku 16, wakhonziswa kuye—kuye kokuthiwa ngumhlangano kaMoya oNgewe. Futhi wayekade enenkathazo yesisu iminyaka ethize, futhi waya endaweni lapho ababekhona, kulokho abakubiza ngokuthi, “umhlangano kaMoya oNgewe,” futhi wayekholwa ukuthi lesithembiso sikaMarku 16 sasiyiqiniso. Wabekwa izandla ngokwesithembiso sikaNkulunkulu.

⁶² Akukho azokusho okumelene nomfundisi; ukufunde eZwini ngqo. Akashushisi yena umfundisi; ushushisa uNkulunkulu. Ngoba, akulona iphutha lomfundisi, umfundisi kuphela ufunda lokho uNkulunkulu athi akwenziwe. Futhi uNkulunkulu ngeqiniso wathi, kuMarku 16, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo; uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda.”

⁶³ Futhi uthi uyikholwa, futhi ufika emhlanganweni onjalo njengalapho ababenokushumayela uMarku 16 ngokuthi uyiqiniso. Futhi umfundisi, enomBhaphathizo kaMoya oNgewe, wayezisho ukuthi uyikholwa nomfundisi uthunyelwe umsebenzi, wabeka izandla zakhe phezu kwakhe. Futhi lokho sekube yizinyanga ezimbili ezedlule, nesisu sakhe sibi

nje njengoba sasilokhu sinjalo. Ngakho-ke, uzisho ukuthi uNkulunkulu akalungile, ukubeka into enjengaleyo eZwini, ibe ingesilo iqiniso.

Manje akehle. Ufakazile.

⁶⁴ Olandelayo ebhokisini nguMnu. Mnqikazi. Ufuna ukunikeza ubufakazi. UMnu. Mnqikazi uthi wayekade ehlushwa yi—yiTB, cishe iminyaka eyishumi nanhlanu. Kodwa wayengakathathi umhlalaphansi nokho, ilokhu yanda nje, ilokhu nje i—ilokhu iqhubeka. Wayethi ukuba ngconywa nje, bese-ke iqhubeka. Futhi wezwa ngendawo edolobheni lapho okwakufanele khona kube nomshumayeli omesabayo uNkulunkulu eshumayela, nabantu babezisho ukuthi baphilisiwe ngokwesithembiso esiphuma kuNkulunkulu, esitholakala kuJakobe 5:14, lapho khona eZwini likaNkulunkulu lithi, “Uma ekhona ogulayo phakathi kwenu, makabize amalunga ebandla; futhi abagcobe ngamafutha futhi akhuleke phezu kwabo; umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo, noNkulunkulu uyakubavusa.”

⁶⁵ Futhi yena egula, futhi eyikholwa, uya kulomhlangano lapho khona bonke lababantu bezisho ukuthi babephiliswa yilomelusi omesabayo uNkulunkulu. Futhi wakhonziswa, ngokukaJakobe 5:14. Nomelusi wakhonzisa nje ngokweZwi, wangcoba ngamafutha wayesemkhulekela, umkhuleko walokho umelusi athi wawungu “mkhuleko wokukholwa,” awukholwayo. Nalokho sekucishe impela kube ngunyaka owedlule, futhi akaze abenawo nowodwa imiphumela kukho, ngakho-ke lowoMnu. Mnqikazi uzisho ukuthi uNkulunkulu akalungile ukufaka isithembiso esinjengaleso eBhayibhelini bese kuthi-ke angami emva kwaso.

Manje, khumbulani, ngifunda izithembiso zeVangeli eligcwele lapha.

⁶⁶ Ufakazi olandelayo uzoza ebhokisini manje. Umshushisi ubiza ufakazi wakhe olandelayo, ngaphambi kokuba abethele icala. Ufakazi wakhe olandelayo nguMnu. Ang’bekezeli.

⁶⁷ Manje laba ngabalingiswa abangaphezu kwemvelo abahlala kubalingiswa. Niyabo, manje, bayakwenza.

⁶⁸ Ngakho uMnu. Ang’bekezeli uyafika, futhi uzisho ukuthi yena ngoluny’usuku wayefunda eBhayibhelini. Akayanga emasontweni, kodwa waye...wayeyikholwa. Ngakho omunye wabo waya kumvangeli, nomunye waya kumelusi, nalomfo wayeyikholwa elizifihlayo nje elalihlala ekhaya. Futhi wahamba futhi wayefunda kuMarku isahluko 11, ivesi 22 nelama 23; uma niyibhala phansi leyomiBhalo. Lapho, uJesu uqobo lwaKhe, ezisho ukuthi unguNkulunkulu, uEmanuweli, enza khona lesisitatimende ngezindebe zaKhe uQobo, “Ngiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini, oyothi kulentaba, ‘Nqukuleka,’ futhi ungangabazi enhliziyweni yakho, kodwa ukholwe ukuthi

okushilo kuyofezeka, ungabanakho okushiloyo.” Kanti Washo futhi, ukuthi, “Uma ukhuleka, kholwa ukuthi uyakwemukela okucelayo, futhi uyakuphiwa khona.”

⁶⁹ Uthi kade eyisishosha ezinyaweni zakhe, cishe iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu. Futhi iminyaka emihlanu eyedlule, ngenkathi ehlezi ekamelweni, ezwa ukuthi wayephefumulelwe ukuba afunde iZwi azisho ukuthi wayelikhholwa, futhi ngayo yonke inhliziyo yakhe wayelikhholwa. Futhi yena manje-ke wathi, ngephimbo lakhe uqobo, “Ukukhubazeka emilenzeni yami, ngeGama likaJesu Kristu, suka kimi,” washo. Futhi lokho sekube yiminyaka emihlanu edlule, futhi usalokhu nje ekhubazeke njengoba wayelokhu enjalo.

⁷⁰ Ngakho, ngakho-ke, uMnu. Ang’bekezeli ufuna ukubeka ubufakazi bakhe bumelane neZwi lingeligena kuphosisa, ufuna ukububeka bumelane neBhayibheli liyiZwi eliphefumulelwe, futhi uthi lesisithembiso asisilo iqiniso; uLihlolile, futhi “Lalingesilo iqiniso.” UMnu. Mnqikazi uthe waLihlola, futhi “Lalingesilo iqiniso.” UMnu. Ang’kholwa uthe waLihlola, futhi “Lalingesilo iqiniso.” Bonke labofakazi abathathu banikeza ukufunda ngokomBhalo, izithembiso zangokomBhalo, futhi uthi lesisithembiso sifundeka kanje, ungasifunda eBhayibhelini, futhi bangufakazi ukuthi “Alisilo iQiniso.”

⁷¹ Ngakho-ke, iBhayibheli lifanele lilahlwe; ngoba, uma ingxenye eyodwa yaLo, ivesi elilodwa laLo lingethenjwe, bengingthembe noma yikuphi kwaLo. Lizofanele lonke libe yiQiniso, kungenjalo akukho nakunye kwaLo okuyiQiniso. Iketango likahle kakhulu kuphela ekuxhumaneni kwalo okubuthakathaka kakhulu. Niyazi ukuthi ngiqonde ukuthini.

⁷² Manje umshushisi uyenyuka manje ukuba alethe ukushushiswa nokuba alibethele icala. Ufuna ukulibethela. Manje bhekisisani ukuthi uthini. “UNkulunkulu akalungisisiwe ngokufaka izithembiso ezingubudedengu kanje eZwini laKhe, ngabantwana baKhe abakholwayo ukuhlola ukukholwa kwabo ngazo, ngoba azisilo iqiniso.” Unofakazi lapha, ukufakazisa ukuthi leliZwi uNkulunkulu alethembisile eZwini laKhe ukuthi liyiQiniso, unofakazi abahlezi lapha, futhi abangakhombisa ngobufakazi bodokotela nangobufakazi, ukuthi kade begula, kade beyi*lokhu*, kade beyi*lokho*. “Futhi bemukele lena yobuNkulunkulu, efanele ukuba yiyo, imiBhalo ephefumulelwe, futhi ibekwa ekuhlolweni, futhi ayisilo iqiniso.” Unofakazi ukufakazisa, ukuthi, “LamaZwi awasilo iqiniso, ngokuba Wehluleka kuyo yonke-ke.”

⁷³ Manje, qaphelani futhi. “Futhi Wehluleka. UNkulunkulu wehluleka ukwenza lamakhholwa, ayekholwa eZwini laKhe, akuthatha impela nje, ahamba ngemidanti yomsebenzi ngokulandelana kwayo, khona impela Akusho, kwase

kuthi-ke uNkulunkulu akanganyakazisa neze namunwe ngasekwenzeni noma yini ngasesithembisweni saKhe; sekwedlule iminyaka ngeminyaka.” Wayesethi-ke, “Ukuba-ke eminye imiBhalo, njengokubhaphathizwa, ‘okholwayo abhaphathizwe uyakusindiswa,’ bese-ke kungabibikho muntu osindiswayo na? Kuthiwani-ke ngalemiBhalo eyathembisa ukuthi Uyobuya na? Akukho namunye wayo oqinisileyo. Ngoba, *lena* ayiqinisile, *nalowo* awuqinisile. YiNcwadi nje enganekwaneni. Nalawa indoda angamakholwa. Nokho, Yena, uNkulunkulu, wethembisa ukuthi konke kungenzeka kwabakholwayo, nalaba ngabakholwayo.

⁷⁴ “Nokho, futhi, Uzisho ukuthi uyaphila emva kokubethelwa kwaKhe. IBhayibheli liyasho, ukuthi, ‘Uvusiwe kwabafileyo, futhi uhlale enguyena izolo, namuhla, naphakade.’ Futhi akukho-namunye obone loMuntu enezibazi zezipikili ezandleni zaKhe, ehamba phakathi kwebandla, nakanjalonjalo. NamaHeberu 13:8 awanjalo. Akasuyena izolo, namuhla, naphakade, ngoba Akazange abe ngaphezu komuntu. Angesigcine isithembiso saKhe. Ufakazisile, ngalabofakazi, Akasigcini isithembiso saKhe, ngakho-ke iNcwadi ifanele ukuphoswa ekanini lemfucumfucu futhi akhohlwe yiyo. Ayikho into enjengaleyo.”

⁷⁵ Manje, khumbulani, ngisebenzisa iphimbo lomshushisi, ngibethela icala lakhe. “Kulungile, Washo kuLuka 17:30, lapho Athi, ‘Ezinsukwini zokugcina, iNdodana yomuntu iyokwembulwa,’ uNkulunkulu uyozebula Yena uqobo eNzalweni kaAbrahama,” njengoba ezwa umshumayeli owuhlanya eshumayela ngesinye isikhathi futhi wathi Uyozebula Yena uqobo futhi ezidalweni ezingabantu, ebizwa ngeNdodana yomuntu.

⁷⁶ “ISambulo 10, Uyasho ukuthi Wazisho ukuthi isithunywa sengelosi yokugcina, ngokonyaka webandla eLawodikeya, owawuzoba sivivi, ukuthi uJesu uyo (okwakuyiZwi) khishwa ebandleni. Wazisho ukuthi kulezizimiselo zezikhathi ukuthi kwakukade kunezinto ezazingembaliwe kubaguquli ngezinsuku zasekuqaleni, kodwa ezinsukwini zokugcina, ukuthi, ukuphela, owengelosi yesikhombisa, uMlayezo wesithunywa sesikhombisa, ukuthi yonke lemiBhalo iyokwenziwa ibe yiyo ngempela futhi yenziwe ibonakaliswe. Akukho muntu onjalo emhlabeni, akakaze abekhona futhi akasoze aba khona,” uyazisho.

⁷⁷ Uyazisho ukuthi, kulokho, “UNkulunkulu uyazisho eBhayibhelini laKhe, ukuthi ibandla liyothola ukuba yilo ngegama lidede kulo uqobo, ukuthi kuMalaki 4 Uyothumela futhi umprofethi, Asevele emthumele, kabili, uEliza noJohane umBhaphathizi. Uyothumela umprofethi nge...futhi uyoba semandleni kaEliza. Futhi inkonzo yakhe, izenzo zakhe, yonke into, iyoba nguEliza. Bese kuthi-ke enkonzweni yakhe, uyobe ebiza abantu kulesisimo sokuba yiso ngegama, babuyele

ekuKholweni kwangoqobo ngempela kobaba abangabaphostoli. Futhi ayikho into enjalo eyenzekayo.

⁷⁸ “Kanti futhi Uyazisizo ukuthi kohluleka kokubili amazulu nomhlaba, kodwa iZwi laKhe alisoze lehluleka.” Futhi uthi unobufakazi lapha, kulentambama, ukukhombisa ukuthi Liyehluleka. “Futhi ubani loJesu owavuka kwabafuleyo na? Nonke nisetshenziwe esigejaneni senjulamqondo isayikholoji yengqondo. Futhi ayikho into enjalo; nethembela ethembeni elingamanga.”

⁷⁹ Manje, ngicabanga ukuthi lokho kuthi akumenele ukukusho. Ngicabanga ukuthi uselifake lonke iBhayibheli. Manje asimhlalise phansi, umshushisi. Manje ufakazi kamshushisi akehle futhi. Bayehla besuka ebhokisini.

⁸⁰ Futhi emsamo manje, sizobiza uFakazi oVikelayo, uMoya oNgewe. Uyeza ukuba akhulume. Ngiyethemba niyayibona indlela umshushisi alibethele ngayo icala lakhe ngomBhalo. Manje, uFakazi oVikelayo, onguMoya oNgewe, uyeza ukuvikela uMmangalelwa, iZwi. Ngicabanga ukuthi bebengeke babenaye ongcono.

⁸¹ Owokuqala, Uthi lenkantolo ayinake, ukuthi umhumushi weZwi likaNkulunkulu, kubantu, umshushisi, ungumhumushi ofanayo owahumusha iZwi likaNkulunkulu kuEva. Ufuna inkantolo ukuba ikuqonde lokho, ukuthi umhumushi ungumhumushi kaEva, othi konke nokuncu kwaLo kwakuqinisile kodwa iZwi elilodwa nje. Futhi Ufuna nazi futhi... WayenguYe, khumbulani, Owaloba iBhayibheli. Ufuna futhi nazi, ukuthi, ekuqaleni, ukuthi izwi elilodwa eliqhelile eZwini likaNkulunkulu, labangela konke ukufa nosizi nokugula. Futhi Ufuna nazi ukuthi uNkulunkulu futhi washo, eZwini laKhe, esahlukweni sokugcina, ngokufanayo njengesokuqala, ukuthi, “Noma yimuphi umuntu oyokhipha noma yini Lapha, noma abeke noma yini enye kuLo, isabelo sakhe siyosuswa eNwadini yokuPhila.” Kufanele kube yiZwi, futhi Lelo kuphela. Ufuna inkantolo yazi ukuthi ubani owenze konke lokhu kubethela okunzima manje, ngumhumushi kaEva.

⁸² Ufuna nilokhu... nakisa lenkantolo futhi, okungukuthi, uFakazi oVikelayo, Ufuna ukubiza kulenkantolo futhi anikhombise ukuthi izithembiso sikumakholwa kuphela; hhayi abazenzisi, abangabekezeli, noma abanqikazi. Kushintsha isithombe akusishintshi na? Kuphela ku... Hhayi kulokho abantu abazibiza ngamakholwa; kukumakholwa kuphela, hhayi kulabo abathi bangamakholwa. USathane uthi uyikholwa, naye, niyazi. Akukho kubo. Kusamakholweni angempela kuphela.

⁸³ NaloFakazi oVikelayo ufanele azi ukuthi ngabe lawa indoda angamakholwa noma qha, ngoba, empeleni, uFakazi oVikelayo ungu—ngumphilisi weZwi qobo lwaLo. Uyazi ukuthi ngabe uyakholwa noma qha. NguYe onikezwe nguNkulunkulu,

ukuLenza lifezeke. Haleluya! NguYe okufakazisayo lokho. NguYe oLenza lifezeke. NguYe Owaziyo ukuthi ngabe Liwele endaweni efanele noma qha, loFakazi oVikelayo weZwi. Qhaphelani, Ufuna ukubiza futhi kumakholwa, uFakazi oVikelayo uyazi ukuthi kunjalo noma qha, Ungumphilisi weZwi.

⁸⁴ Kanti futhi Unakisa lenkantolo eZwini lesithembiso elibuzakalayo. Akazange ahlele noma yisiphi isikhathi esithize sokuba lezizinto zenzeke ngaso.

⁸⁵ Niyabona ukuthi bangalifunda kanjani ngokungesikho iZwi kuwe na? Manje lababafo abathi, “Angikubone *lokhu* kwenzeka,” niyabo, abalifundi ngisho neZwi kahle. Okungukuthi, uma umuntu eyikholwa leqiniso, Usalokhu engakuhleli neze ukunqunywa kwanoma yisiphi isikhathi.

⁸⁶ Ufuna futhi inkantolo ikhumbule ukuthi leliZwi lilotshiwe, noJesu Kristu, iZwi elibonakalisiwe, wathi, “IZwi liyimbewu umhlwanyeli ayihlwanyelayo.” Nembewu ingaziveza kuphela qobo lwayo, iveze isithembiso sayo, uma isohlobweni olukahle lomhlabathi oluyophilisa imbewu. Amen. Sithi nje ukushintsha i—icala, asinjalo na? Izofanele ibe sendaweni efanele.

⁸⁷ Uhlamvu lwembewu lulele phezu kwalelideski alusoze lwamila lube yisivuno. Uhlamvu lo—lommbila phezu kwalapha, etsheni elil’uhlaza-sibhakabhaka, aluzukwenza lutho. Uhlamvu lommbila luzofanele luwele emhlabathini ovundisiweyo walolohlamvu lommbila, kungenjalo aluzokumila.

⁸⁸ Futhi uNkulunkulu washo ukuthi iZwi laKhe liyimbewu umhlwanyeli ayihlwanyelayo, futhi lifanele liwele ohlobweni olufanele lwenhlabathi. Leyonhlabathi ngukukholwa. Yimbewu, futhi ifanele iwele kulomhlabathi, kungenjalo ingeke yaphiliswa. Ngamany’amazwi, uMoya oNgcwele, uFakazi oVikelayo lapha, uthi Angeke ngisho eza kuyo ize iwele ohlobweni olufanele lwenhlabathi. Ungumphilisi wayo.

UFakazi oVikelayo ubiza ufakazi wakhe wokuqala.

⁸⁹ Ngicabanga ukuthi uma umshushisi akwazi ukubiza ofakazi, lapha emhlabeni, ukuthi kuyafakazisa ukuthi iZwi laliphutha, ngicabanga ukuthi uFakazi oVikelayo unelungelo ukubiza ofakazi abangafakazisa ukuthi Liqinisile. Ngoba, umbuzo manje uphakathi kwamakholwa nabangakholwa, ngeZwi, njengoba iZwi likhula.

⁹⁰ UFakazi oVikelayo ufuna ukwethula kulenkantolo, kulentambama, ufakazi wokuqala, nguNowa. UNowa wathi waphila onyakeni wesayensi ngempela. UNowa ufuna ukufakaza. Futhi uthi waphila osukwini lapho abantu babededile ezimangalisweni nezinto. Wase-ke ezwa iZwi likaNkulunkulu limtshela ukuthi Wayezobhubhisa izwe ngamanzi, namanzi ayezokwehla evela phezulu. Lalizokuna, okungukuthi lalingakaze likwenze ngaphambilini. Kodwa uthi i—iZwi likaNkulunkulu, yena engumprofethi, iZwi

leza kuye, futhi wahamba ukuyoshumayela ukuthi iZwi lalizofezeka, ngoba LalinguNkulunkulu. Kanti ufuna futhi ukwazisa lenkantolo ukuthi uMnu. Ang'kholwa, uMnu. Mngikazi, noMnu. Ang'bekezeli, babemlinga njalo. Kodwa engumprofethi, azi ukuthi uNkulunkulu wayengenakuqamba amanga, wabambelela eZwini, kungakhathaleki.

⁹¹ Beza kuye base bethi, “Manje, Nowa,” uMnu. Ang'kholwa wathi, “uzofakazisa kanjani ukuthi kukhona imvula phezulu laphaya na?”

⁹² “Angazi ukuthi ikuphi. Kodwa uma uNkulunkulu esho njalo, lokho—lokho kuyakuzazulula.”

“Lizona kanjani ibe imvula ingekho phezulu laphaya na?”

“Angazi. Kodwa uNkulunkulu usho njalo, nalokho kuyakuzazulula.”

⁹³ UMnu. Mngikazi uyafika wayesethi, “Uma ibingakhona into okuthiwa imvula eyehla lapho, khona-ke Uzofanele ehlele lapha bese ethatha imvula bese eyenyusela lapho. Uzokwenza kanjani lokho na?”

“Angazi.” “Futhi emva kokuba sengakhe umkhumbi. . .”

⁹⁴ Kuqala ufuna ukuthi, ukuthi ngenkathi enza lesisitatemende, engumprofethi phakathi kwabantu, wonke umuntu wamhleka, futhi wathi, “Angiboni mvula.”

⁹⁵ Awu, ngenkathi ehamba ukuyosebenza emkhunjini, bathi, “Mhlawumbe emva komkhumbi. . .” UMnu.—uMnu. Angibekezeli wazama ukumtshela, “Mhlawumbe emva kokuba sekwakhiwe umkhumbi, khona-ke kuzofika imvula.” Kodwa ngenkathi umkhumbi usuqediwe, lalisalokhu lingakani.

⁹⁶ Alizange line ngosuku olulandelayo, alizange line ngeviki elilandelayo, alizange line—alizange line ngenyanga elandelayo, ngonyaka olandelayo. Futhi ngenkathi eseqede umkhumbi, lalisalokhu lingakani.

⁹⁷ Wayesethi-ke, ngoluny'usuku iPhimbo likaNkulunkulu libuyela kuye futhi lamtshela ukuthi uyobona isibonakaliso esingaphezu kwemvelo phakathi kwemvelo, ukuthi izinyoni nezilwane ziyobe ziyongena kulokhu. Kwase kuthi-ke uMnu. Ang'kholwa wamhleka wayesethi, “Uphenduka uba yindawo yokuhlala izinyoni. Wenza uthi lokuqhwakela inyoni, esikhundleni.” Futhi bonke bahleka futhi bahlekisa ngaye.

Kodwa, ngoluny'usuku, uNkulunkulu wakhuluma kuye, wayesethi, “Ngena emkhunjini.”

⁹⁸ NoNowa wama emnyango wayesethi, “Senithola ukubizwa kwenu kokugcina. Ngenani!” Futhi akukho muntu ongenayo kodwa umndeni wakhe uqobo.

⁹⁹ Ngakho uthi wahamba wangena emkhunjini. Futhi wathi emndenini wakhe omncane othandekayo, manje, lona

ngumprofethi uNowa, “O, kwelinye ihora, akungabazeki, imvula izobe seyehla.”

¹⁰⁰ Futhi ngenkathi eyongena, umnyango ngokungaphezu kwemvelo wavaleka emva kwakhe. Wathi, “Uyabo manje, s’thandwa,” kumkakhe, komalokazana bakhe namadodana akhe, “sivalelwe phakathi noNkulunkulu.”

¹⁰¹ “Manje sinefasitela phezulu lapha. Gijimani nenyuke ngezitebhisi, ngokukhulu ukusheshe. Ningakugeji. Gijimani nenyuke, ngokukhulu ukushesha, bese nenyukela lapha manje. Lilungela ukuna, akungabazeki.”

¹⁰² Nabanye babantu phandle lapho abamuzwa eshumayela, bathi, “Angazi noma lolohlanya oludala belungabe luqinisile yini?” UMnu. Ang’kholwa, uMnu. Mngqikazi, uMnu. Ang’bekezeli, bonke bafika bazungeza, bathi, “Sizothola.” Bathi, “Nowa uphakathi lapho na?”

“Yebo.”

“Vula, sithanda ukuhamba sibuka.”

¹⁰³ “UNkulunkulu usewuvalile umnyango. Angikwazi ukuwuvula. Akukho siqhebeza somnyango phakathi lapha ukuwuvula ngaso.”

¹⁰⁴ Manje bathi, “Omdala ongahlakahlile ekhanda, uhambe wangena phakathi lapho wayesevala lowomnyango, futhi ezama ukusenza sicabange. . . Yihlaya ngokukhohlisa. Uzama ukusesabisa.”

¹⁰⁵ Futhi nampo ofakazi bakamshushisi, behlezi lapho, belalele konke lokhu, ngokuba banecala lokukwenza. IBhayibheli lasho njalo, “Abahleki abahleka usulu!”

“Futhi bangihleka usulu, bahlekisa ngami.

¹⁰⁶ “Futhi ngisho, qobo lwami, ngangibeke imvula. Usuku lonke gulukunqu, kwakungekho mvula. Usuku olulandelayo, kwakungekho mvula. Usuku olulandelayo, kwakungekho mvula. Izinsuku ezine, akukho mvula. Izinsuku eziyisihlanu, akukho mvula. Izinsuku eziyisithupha, akukho mvula. Kodwa uNkulunkulu akangitshelanga ukuthi lalizona nini, Wavele wathi nje, ‘Lizokuna.’ Akazange ahlele noma yikuphi ukunqunywa kwesikhathi. Wavele wathi nje, ‘Lizokuna.’”

¹⁰⁷ Akazange athi, “Kothi nje masinya ungabeka izandla phezu kwabagulayo, bazogxuma baye phezulu futhi bagijime bazungeze iphansi lendlu,” njengoba umngqikazi efuna ukuneza nicabange. Wathi, “Bayosinda.” Akazange athi nini, kanjani. “Bayosinda!”

¹⁰⁸ Wathi, “Umkhuleko wokukholwa uyomsindisa ogulayo,” kuJakobe 5:14, “uNkulunkulu uyakumvusa.” Nini? Akashongo. Wathi nje uyokwenza.

109 UMarku 16, Wathi, “Nithi kulentaba, ‘nqukuleka,’ futhi ningangabazi enhliziyweni yenu, kodwa nikholwe ukuthi enikushiloyo kuyofezeka.” Akashongo ukuthi nini. Wathi kuyofezeka! Haleluya!

110 Niyambona lowomhumushi wamanga weZwi lapho na? Manje-ke wena uthi, “Awu, angikubone wenza lendoda, isibe sesihlalweni samasondo isikhathi eside. Ake ngibone. Ithi inokukholwa.” Lowo develi! Niyabona ukuthi ungubani na?

111 UJesu akazange athi bayogxuma ngqo baye phezulu bese bengena kukho ngayo leyonkathi. Inqwaba yabantu bamaPentecostal icabange into efanayo, kodwa iBhayibheli alizange likusho lokho. Wathi, “Uma bekukholiwe, bayosinda.” Futhi Unofakazi baKhe lapha ukukufakazisa.

112 UNowa wathi, “Emva kweminyaka eyikhulu namashumi amabili, khona-ke lana.” Kodwa, lana. UNowa wazi ukuthi wayezokubona esizukulwaneni sakhe, ngoba wakha umkhumbi, wayelungele ukuyongena.

113 Manje, manje sithola ukuthi lokho kwakuyiqiniso. Manje lowo nguNowa, ufakazi wokuqala.

114 Manje, ufakazi wesibili, sizombiza enyuke. Ake sibize uAbrahama enyuke. Wathi, “Ngangingumprofethi, futhi ngaprofetha phansi kokuphefumulela kukaNkulunkulu. Futhi Wangitshela ukuthi umkami, eneminyaka engamashumi ayisithupha-nanhlanu ubudala, futhi mina ngingamashumi ayisikhombisa-nanhlanu, ebudaleni, ngesikhathi, ukuthi ngangizoba nengane ngoSara. Nokho, impela, waye... Ngangiyinyumba; wayeyiyo, isizalo sakhe sasifile. Wayenamashumi amabili eminyaka, noma ngaphezulu, esedlule ukuya esikhathini. Ngangihlale naye yonke leminyaka, futhi kwakukade kungekho sibonakaliso sabantwana. Wayenjalo, isizalo sakhe sasesifile. Futhi, kodwa uNkulunkulu wangitshela ukuthi ngangizoba nengane ngaye.

115 “Futhi niyazi, uMnu. Ang’kholwa, uMnu. Mnqikazi, noMnu. Ang’bekezeli, emva kwezinsuku ezingamashumi amabili-nesishiyagalombili zokuqala, ngenkathi kungenzekanga lutho kuSara, bangihleka futhi bahlekisa ngami. Unyaka wokuqala, bafika kimi base bethi, ‘Usunabantwana abangaki manje na?’”

116 Kodwa, emva kweminyaka engamashumi amabili nanhlanu, ingane iyafika enkundleni. Kwenzeka. UNkulunkulu akashongo ukuthi, “Uzoba nengane ngeviki elizayo, ngoSara.” Akazange akhombe noma yisiphi isikhathi. Wathi uyoba nengane ngoSara. Akazange athi nini. Wathi nje uyoba nayo.

117 Ngakho uAbrahama wathi, “Futhi angingabazanga ngesithembiso, ngokungakhohla. Kodwa njengoba kwakulibala, ngaya ngokuqina kakhulu ngaso sonke isikhathi. Futhi kubonakala njengoba ngiya ngokuba buthakathaka kakhulu ngokomzimba, okwakuyisithiyo sokufika kwengane,

esikhundleni sokuya ngokuba buthakathaka kakhulu ekukholweni, ngaya ngokuqina kakhulu ekukholweni, ngokuba ngangazi ukuthi uNkulunkulu wayekwazi ukuligcina iZwi laKhe.

¹¹⁸ “Ngakho ngoluny’usuku ngangihlezi, ngixoxa noSara, neNgelosi yeNkosi iyenyuka. Indoda amathathu, amabili awo aya eSodoma; eYodwa yama ngakimi futhi yaxoxa nami, futhi yangitshela izinto eyayizokwenzeka. Futhi ngase ngimdala sengiqhothile emahlombe ami, noSara kwase kulukhuni ukuba ahambahambe. Futhi, niyazi, ngalo impela usuku olulandelayo, ngiqala ukubona lesosifumbu siphuma emhlane wami. Nezinwele zami ziqala ukuphenduka zibe mnyama, nezihlathi zikaSara zibabomvu.”

¹¹⁹ Manje wena uthi, “Ngokwangempela, Mfowethu Branham!” Umzuzu nje, sibone ukuthi wakwenza yini. Qaphelani, baphenduka babuyela ebunsizweni nasebuntombini. Manje wena uthi, “O, Mfowethu Branham!” Manje, uNkulunkulu ufihla uMlayezo waKhe phakathi kwemigqa. Ikholiji alisoze laWazi. Kunjalo. Qhabo, qhabo. Yindaba yothando.

¹²⁰ Umkami laphaya, ungibhalela incwadi. Futhi usho into eyodwa phezu kwencwadi iletha, kodwa ngingayifunda ivaliwe. Ngiyazi ukuthi ukhuluma ngani, ngoba ngiyamthanda, ngiyayazi nje imvelo yakhe. Ngiyazi ukuthi uchaza ukuthini. “Ngihlezi lapha kulobubusuku, Billy. Abantwana usembhedeni. Ngicabanga ngawe.” O, ngi—ngiyazi ukuthi uchaza ukuthini, niyabo, niyabo, ngoba ngiyamthanda.

¹²¹ Futhi uma uthandana noNkulunkulu, noMoya kaNkulunkulu ukuwe, uMoya oNgewele uqobo lwaWo ungumhumushi waleliZwi.

¹²² Qaphelani, basebebadala ngeminyaka manje, iBhayibheli lasho njalo. Ngokushesha manje, siza ekugcineni. Wayesethi-ke, “Ngaphenduka ngaba yinsizwa. Waphenduka waba yintombi.”

Wena uthi, “O, Mfowethu Branham!”

¹²³ Lalelani, ukuze uthole leyongane . . . Isizalo sakhe sasesifile; umgudu wempilo yakhe wawufile. Manje ukuthola . . . Wayefanale amenzele esinye isizalo. Ngabe Wafanele akwenze na? Futhi-ke babengenawo lamabhodlela abawafaka emloniyeni wengane, ukuze umama akwazi ukuhambahamba ndawozonke. Ngalezozinsuku, kwakufanele kube ngumama oncelisa omunye. Ngakho ukuze akwazi ukwenza lokho, imithambo yobisi wase womile nkwe, ngakho Wayeyofanele enze imithambo yobisi emisha, nokunye nokunye, ukondla ingane. Futhi enye into, owesifazane oneminyaka eyikhulu ubudala, eya emihweleni na? Wayeyofanele amenzele inhliziyo entsha. Niyabo? Ngakho Akakuciyelanga. Wakhombisa, kuye, Azokwenza kuyoyonke iNzalo kaAbrahama, bayobuyela emuva babebasha, bathole

umzimba omusha ukwemukela iNdodana ezayo esiyibhekile. Ngisasikholwa isithembiso.

Wena uthi, “Ngokwangempela!”

¹²⁴ Kulungile, umzuzu nje. Bhekisisani, bathatha uhambo, amamayela angamakhulu amathathu kusuka lapho ababekhona, ezansi ezweni lamaFilisti, ukuya eGerari. Futhi ezansi lapho kwakukhona insizwa egama linguAbimeleki, yayiyinkosi, futhi yayifuna isithandwa, futhi onke lawomantombazane amahle amaFilisti. Nakhu kufika ugoro omncane, uSara, manje, embethe itshali lakhe, noAbrahama. Futhi uAbrahama wathi, “Sithandwa, ngifuna ungenzele umusa.” Wathi, “Ungobukekayo kakhulu uma ubukwa, uma leyonkosi ikubona, izokuthatha ube ngunkosikazi.” Futhi ngenkathi abantu bembona, wayemuhle kakhulu! Ugoro na? Wayemuhle kakhulu, kwaze kwathi, uAbimeleki wamthatha ukuba abe ngunkosikazi.

¹²⁵ Futhi Wabonakala kuAbimeleki ephusheni, futhi wathi, “Umyeni wakhe ungumprofethi waMi. Uma umthinta, usufana nomuntu ofile.” Kunjalo na?

¹²⁶ Uyakhombisa lapho Azokwenza kubobonke abantwana bakaAbrahama. Wathi, “Akashongo ukuthi Wayezokwenza nini, kodwa Wathi Uyokwenza.” Kunjalo impela, mngani, kuyeke nje kuqhubeka. Uzokwenza noma kanjani. Wakwethembisa. Manje, kodwa eminyakeni engamashumi amabili-nanhlano kamuva, uSara waba nengane, kusukela esikhathini sesithembiso. Izwi alikaze lisho ukuthi uyoba nayo nini, kodwa lathi uyobanayo.

¹²⁷ Asisheshise ngalabofakazi manje. Ufakazi wesithathu, uMose. Uthi uNkulunkulu wamnika isibonakaliso ukuba asenze, ukufakazisa ukuthi lelo kwakuyiZwi lalowonyaka. Wathatha iZwi, nesibonakaliso nePhimbo, futhi wehlela phambi kukaMelusi uFaro. NoMelusi uFaro wathi, “Ehhe, lelo yicebo lokuphamba lomlumbi elishibhile. Nginomuntu lapha ongenza into efanayo.” Futhi bayenza. Abazifanisa nomunye umuntu! Wathi, “Uma bengingesuye umprofethi futhi ngazi ukuthi lelo kwakuyiZwi elithenjisiwe, bengizothi akukho lutho kukho, ngoba laba abazifanisa nomunye umuntu phandle lapha wenza into efanayo engiyenzayo.” Kodwa wayazi ukuthi kuqhamuka kuNkulunkulu, ngakho wabambelela akangatatazela.

¹²⁸ UNkulunkulu wathi uyokhulula abantu futhi bayoza entabeni. Wayelindele ukuthi mhlawumbe babezobuya ngalolosuku. Kodwa, kwakuyiminyaka kamuva, kodwa bayabuya. Baya entabeni. UNkulunkulu waligcwalisa iZwi laKhe. Ubayise ezweni elithenjisiwe, njengoba Asho. Wayelikholiwe iZwi likaNkulunkulu.

¹²⁹ Manje ngokushesha impela ngizothola omunye ufakazi, ufakazi wesine, nguJoshua. Wathi, “Ngenkathi uNkulunkulu esinikeza isithembiso, futhi saya ngale e . . .” Kungamayela

cishe angamashumi amane nento kuphela. “Futhi ngenkathi sifika eKadeshi-barineya, uMose wathumela ofakazi ukuthola ukuthi sasingalithatha noma qha. Futhi, o, amaAmaleki, nalezoziqhwaga ezinkulu, nezindonga eziphakeme,” wathi, “angeke silithathe, nhlobo, kwakubukeka kanjalo.”

¹³⁰ Kodwa omunye umuntu waya ngaleya futhi waletha ubufakazi obuthize obubonakalayo ukuthi izwe lalilihle. Ngakho wathi, “Zonke ezinye izizwe ezisele, zathi, ‘O, ngeke salithatha.’” Wathi, “Ngasukuma futhi ngabathulisa abantu, futhi ngabazisa ukuthi kwakungesiwo usayizi waleyonto phandle lapho; kwakuyisithembiso sikaNkulunkulu, noNkulunkulu wayeyokwenza.” Wathi, “Emva kokuba abantu sengibathulisile, Akazange asiweze, ngosuku olulandelayo, iviki elilandelayo. Eminyakeni engamashumi amane kamuva, Wasiwelisa. Kodwa Akashongo ukuthi Wayezosiwelisa nini; Wathi Uyosiwelisa, ngakho sawela.”

¹³¹ Ngingathanda ukuba uIsaya eze nje umzuzwana. Bhekisisani uIsaya. Wathi, “Ngangingumprofethi oqinisekisiwe phakathi kwabantu. Wonke umuntu wangikholwa. Kusukela eNkosini uUziya, kwehle njalo, bangikholwa. Ngangingumprofethi oqinisekisiwe. Engakusho, uNkulunkulu wakufezekisa. We—Wenza amazwi ami, engawashoyo, ayafezeka, ngoba ngawakhuluma eGameni laKhe, uJehova.” Wathi, “Ngoluny’usuku, uJehova wakhuluma kimi wayesethi, ‘Ngizobanika isibonakaliso, intombi iyokhulelwa.’ Futhi ngakwenza, ngavele ngakukhuluma nje njengoba uJehova ekushilo.”

¹³² Wathi, “Futhi ngifuna nazi lokho, lenkantolo, ukuthi yonke intombazane engumHeberu yathenga amabhuzwana nayo yonke into yalungela ukuba nalengane. Intombi yayizokhulelwa. Futhi kwaqhubeka, izinyanga, akwenzekanga. Amaviki, akwenzekanga. Cishe iminyaka engamakhulu ayisishiyagalombili kamuva, kwenzeka, kodwa intombi yakhulelwa futhi izala umntwana.” UJehova akazange amtshele ukuthi kwakuzokwenzeka kusasa, enye intombi eminyakeni yakho. Wavele wathi nje, “Intombi iyokhulelwa,” nalokho kuyakuzazulula. Akashongo ukuthi nini. Wavele wathi nje iyokhulelwa.

¹³³ Manje, uma kuyithokozisa inkantolo, ngingaba ngufakazi waKhe olandelayo na? Ngingathanda ukuMfakazela, ufakazi olandelayo. Isithembiso seZwi salolusuku, yilokho engifakaza kukho.

¹³⁴ Ekuzalweni, njengomfanyana eKentucky, niyakubona emakhadini omkhuleko nakho konke, lokho kuKhanya kwama lapho. Ngatshela umama wami nobaba wami, kwehlele njalo emnyakeni. Ngithemba ukuthi lokhu akuzwakali kungokuqondene nami ngqo, kodwa nje ngimele ufakazi

phambi kwaKhe. *Lona* nguYe ngesimo seZwi. Ngangingazi ukuthi kwakuchaza ukuthini; akekho owayazi. Emuva lapho kulezozintaba, kwendadlana...Kungenayo ngisho neglasi yefasitela njengoba nonke ninayo manje; wawunomnyango omdadlana owawuwuphusha uvuleke ube yifasitela. Futhi ngalokho kusa, ukuKhanya kwangena.

¹³⁵ Ngangitshela abantu, ngitshela umama. Izinto engangizisho, zazenzeke njalo ngaleyondlela. Abakukholwanga. Bathi, “Akunjalo.” Kodwa cishe eminyakeni engamashumi amathathu kamuva, uNkulunkulu wakufakazisa ngobufakazi besayensi, ukuthi kwakunjalo. Kwakunjalo, ngoba yisithembiso.

¹³⁶ Esihlahleni, ngingeminyaka eyisikhombisa ubudala, lapho iPhimbo lakhuluma kimi lase lithi, “Ungalokothi ubheme, upilombe, noma uphuze, noma ungcolise umzimba wakho.”

¹³⁷ Futhi mina ekhaya likagweva, ngangingazi ngisho nokuthi iBhayibheli laliyini, lingengaphezu nje kokuba yigama. Singahle ukuba sasikwazile ukuthola ialmanaki, kodwa hhayi iBhayibheli endlini yakithi. Lutho kodwa inqwatshana ye... Kungesikho ukukhuluma ngokumelana nabantu bakithi, kodwa uNkulunkulu wazi konke ngakho. Kwakungekho ndlela nhlobo, abantu bakithi phambi kwami, emuva emva kwalokho babeyiKatolika. Babekade bonke beshade baqhela esontweni futhi bamuka, futhi kwakungekho nkolo nhlobo. Sasingayinaki ngisho nokuyinaka.

¹³⁸ Kodwa Wa—Wangitshela okwakuzokwenzeka, ukuthi ngangingezukubhema, noma ngiphuze, noma ngingcolise umzimba wami noma ngayiphi indlela, kwakuzoba nomsebenzi wami ukuba ngiwenze uma sengikhulile. Awu, kwakuyiminyaka neminyaka emva kwalokho. Ngangazi kanjani ukuthi ngangizoba ngumfundisi na? Ngangiwuzonda umcabango womshumayeli. Kodwa kwenzeka, noma kanjani. Kuyakhombisa ukuthi Uyaligcina iZwi laKhe. Eminyakeni eyishumi nesikhombisa kamuva Wabonakala kimi lapho esihlahleni... .

¹³⁹ Siyathola, ngosuku olulandelayo emva kwalokho, Wangikhombisa ibriji linqamula umfula, liwugxamalazela, wakhombisa indoda ayishumi nesithupha eqathaka esuka kulo. Ngatshela umama. Ngihlezi ngincike esihlahleni, ngalibuka. Wathi, “Ulalile, s’thandwa.”

Ngathi, “Qhabo, angizange, mama. Ngilibhekisisile.”

¹⁴⁰ Iminyaka eyishumi nesikhombisa ngqo kusukela kulolosuku, iBriji likaMasipala eJeffersonville lagxamalazela ngale eKentucky, futhi eyesikhombisa...Futhi indoda ayishumi nesithupha alahlekelwa ukuphila kwawo kulo, ngokuyikho nje ngqo njengoba kwasho. A, ngakho uMnu. Ang’kholwa ubelokhu engilinga ngasonke isikhathi!

¹⁴¹ Futhi ake nje nginakise lomshushisi oyimpumpithe, ngoJesu elapha nezibazi zezipikili esandleni saKhe. Akazange ayisho into enjengaleyo. Wathi, uma Esebuya eZulwini, ukuthi, “Onke amadolo afanele akhothame, nawo onke amehlo ayoMbona, nazo zonke izilimi ziyovuma.” Wethembisa kuphela ukuphendula angenise amandla kaMoya futhi aqinisekise iZwi laKhe, likaMarku, nakulokho Ayeyokwenza. Nje Aka... Abakutholi nje.

¹⁴² Manje, phezu kwezisekelo zalengxoxo, kulentambama, nathi siphila... Okungukuthi, ngizodingeka ngeqe, niyangibona ngiphenya lamakhasi endikimba nezinto, engifanele ngikukhiphe, kodwa ngicabanga ukuthi sesisondele ngokwenele manje ukukuthola.

¹⁴³ Manje basalokhu bengayikukukholwa. UJesu wethembisa ukuthi, “Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, futhi njengoba kwenzeka emihleni kaLoti, kwakuzoba semhleni wokugcina.” Sinakho. Kulapha. Sekuvele kuqinisekisiwe, nje mingaki imiBhalo! Onyakeni waseSodoma, okwenzeka kuAbrahama, kuyophinde kubuye futhi eNzalweni yobukhosi kaAbrahama, ekuKristu; uKristu ebuya ngesimo seZwi, esebenza ezidalweni ezingabantu, ekhombisa izibonakaliso Athembisa ukuthi zaziyobonakaliswa, ziyokwenza. Wathembisa ukuthi Wayezokwenza. UNkulunkulu wakwethembisa. Futhi uNkulunkulu uzosigcina isithembiso saKhe.

¹⁴⁴ Futhi manje, eminyakeni embalwa eyedlule, nganitshela ukuthi Wakhuluma kimi wayesethi, “Kuyobakhona izigaba ezintathu zalenkonzo. Nenye yazo kuyoba ngokubamba abantu ngesandla, futhi ngazi ukuthi yayiyini inkathazo yabo.” Bangaki okukhumbulayo lokho na? Impela. Anginitshelanga yini, “Uma ngiyoba qotho,” ukuthi Wangitshela, “kuyofezeka ukuthi ngiyokwazi ngisho nemfihlo eyayisenhliziyweni yabo”? Ngabe nganitshela lokho na? Bangaki okukhumbulayo lokho na? Ngabe kwenzeka na? Akuzange kwenzeke ngosuku olulandelayo, kwaba yiminyaka kamuva, kodwa kwenzeka.

¹⁴⁵ Futhi Wakhuluma ezansi emfuleni, Wathi, “NjengoJohane umBhaphathizi wathunyelwa ukumemezela ukufika kukaKristu, ekupheleni kwenkonzo yakhe, uJesu wafika. Futhi njengoba uJohane athunywa, kanjalo inkonzo yakho iyokwandulela ukuFika kwesiBili kukaKristu.” Futhi kubekhona imvuselelo yomhlaba wonke phakathi kwabantu bakaNkulunkulu, ezweni lonke, eminyakeni eyishumi nanhlanu edlule; imvuselelo ende kunazo zonke. Noma yimuphi usomlando uyazi ukuthi akukho mvuselelo ehlala kweqe iminyaka emithathu. Nale iyiminyaka eyishumi nanhlanu. Futhi bukani ibandla namhlanje, selipholile. Silindele ukuFika kwaKhe. Uyaziqinisekisa Yena uqobo, ekhombisa.

146 Manje, zonke lezizinto yenzekile. Wethembisa phakathi lapho, ukuthi, “Uyokwazi imfihlo yenhliziyoy.”

147 Manje isigaba sesithathu singukubhobokela enkonzweni nje manje. Angizukuthatha isikhathi ukuyongena lapho, ngoba ngicabanga ukuthi angifanele. Kodwa abanangi benu lapha bayazi ngayo, niyabo, ngalokho okwenzekile.

148 Manje, ngenkathi nginitshela, ngenkathi ngiqala ukufika eDolobheni iKansas ezansi lapha, nase zansi eArkansas, ukuthi lezizinto zazizokwenzeka, futhi nazi. Singofakazi abaphilayo ukuthi zenzekile. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]... UNkulunkulu uthe kuyofezeka. Akushongo ukuthi kwakuyokwenzeka ngayo leyonkathi. Wathi kwakuzofezeka.

149 UMarku 16 wathi, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.” Uma ngingesilo ikholwa, pho liqinisekiselweni leliZwi ukuthi liyiQiniso na?

150 Uma ngingesiwo amakholwa, pho uNkulunkulu waniphelani uMoya oNgcwele na? Ningahle nibe nazo zonke izinhlobo zezibonakaliso ngokwenza, ningahle nigijime, nikhulume ngezilimi, futhi nenze izinto njengabantu onomoya oNgcwele; kodwa uma leyo kungesiyo into ethize engeyangoqobo enhliziyweni yakho, ayisoze yaliletha leloZwi ekuphileni. Kodwa uma iyinto yangokoqobo phakathi lapho, “kodlula amazulu nomhlaba, kodwa leloZwi lingehluleke.”

151 “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo; uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayosinda.” Futhi niyababona abanye besinda. Akashongo ukuthi babeyosinda ngayo leyonkathi. Wathi, “Babeyosinda uma babekukholiwe.”

152 Bangaki ozwayo, ukuthi leli yiQiniso na? Bangaki okholwayo ukuthi lisalokhu iZwi likaNkulunkulu liqinisele na? Nje lihunyushwe ngokungesikho kubantu. Anikukholwa lokho na? Nje lihunyushwe ngokungesikho.

153 Manje, hhayi emuva ngezinsuku zikaLuther, hhayi emuva ngezinsuku zikaPawulu, hhayi emuva ngezinsuku zikaNowa nalaba abanye ofakazi, hhayi eminyakeni eyishumi nanhlanu edlule ngenkathi nginitshela ukuthi lezizinto ziyofezeka; kodwa namhlanje eTopeka, eKansas, lolusuku, lelihora, lomzuzu, asibizele iZwi likaNkulunkulu kwelamanqamu. Wethembisa ukuthi lokhu kuyokwenzeka ngezinsuku zokugcina.

154 Manje niyakholwa ukuthi Uyaligcina iZwi laKhe na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Ufanele aligcine iZwi laKhe, ukuze abe nguNkulunkulu. Uzofanele akwenze. Ufanele aligcine iZwi laKhe.

155 Manje, ngabe Wethembisa, “Njengoba kwenzeka emihleni ya—yaseSodoma, kuyoba yinto efanayo ekufikeni kweNdodana yomuntu,” ukuthi Iyokwa—kwambulwa ngemihla yokugcina njengoba Yayinjalo kuAbrahama neNzalo yakhe eSodoma

na? Ngabe Wakwethembisa lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] ULuka isahluko 17, ivesi 30, ningakufunda. Manje, Wakwethembisa lokho. Wathi kuyokwenzeka. UJesu wathi yonke imiBhalo ifanele igwaliseke, konke Akwethembisa.

¹⁵⁶ Ngabe Wethembisa kuMalaki 4, Ayokwenza ngalemihla yokucina na? Futhi masinya emva kwalokhu kuyofika umlilo, futhi ushise nya ongakholwayo, nabalungileyo bayophuma bahambe phezu kwemilotha yongakholwayo. Kunjalo. Awu, sikhona lapha emnyango.

¹⁵⁷ Manje, ngaphambi nje kokuba kungene uzamcolo omkhulu, Wethembisani na? Ngaphambi nje kokuphuma kukaNowa—kukaNowa...noma uMose ezela ukukhipha abantwana bakwaIsrayeli, kwenzekani na? Ngaphambi nje kokufika kukaJesu, kwenzekani na?

¹⁵⁸ UJohane, asimlethanga ukuba afakaze. Sasinaye ezansi lapha, kodwa hhayi ukuba afakaze, ukuthi wabizwa kanjani asuke kuyo yonke isayensi yezenkolo yangalolosuku, ukuba ayongena ehlane, ngoba wayezokhomba, wayedingeka akhombe uMesiya.

¹⁵⁹ Awu, ukuba sasiye ezansi esikoleni, kuyise. Ngathi, “Manje, ngingumngani omkhulu kababayi wakho. O, wayeyindoda endala enkulu. Ngiyamthanda. Futhi ngiyazi... Manje ngabe uMfowethu Jones akasuye lowoMesiya na? Manje uyazi, Johane, ungye.”

¹⁶⁰ Niyabo, wazehlukanisa yena uqobo. Esemdala ngeminyaka eyisishiyagalolunye ubudala, wahamba wangena ehlane, ngoba wayengumthandi wehlane. UMoya kaElija wawuphezu kwakhe. NoMoya kaElija; wawungesuye uElija, wayengumuntu; kwakunguMoya kaNkulunkulu unaleloZwi ngalolosuku. Futhi wahamba wangena ehlane. Kwase kuthi-ke esephuma, wa—wadingeka akhombe uKristu, hhayi indoda elungileyo, kodwa, “Phezu kwaLowo oyobona uMoya ehla.” Hhayi indoda eyayinguthisha obadlula bonke, hhayi indoda eyayingumuntu oyigugu elikhulu kakhulu ezweni ngalolosuku, kodwa, “Phezu kwaLowo uMoya oNgcwele qobo lwaWo owamkhomba njengeZwi.” Lona impela iZwi qobo lwaLo lakhomba iZwi.

¹⁶¹ Manje Wakwethembisa lokho ngezinsuku zokucina. UJesu ayokwenza, abe ngye izolo, namuhla, naphakade. Niyakukholwa na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

¹⁶² Manje asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje. Yibani nokukholwa. Ningangabazi. Kholwani.

[Udade ukhuluma ngolunye ulimi, bese-ke enikeza incazo. Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Ayibongwe iNkosi.

¹⁶³ Kulungile. Ngyena izolo, namuhla, naphakade. Niyakukholwa na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

164 Manje Wethembisani ukuziqinisekisa Yena uqobo na? Kumuntu, inyama yomuntu, njengoba Enza kuAbrahama, “Lapho iNdodana yomuntu...” Kwakuyoba yiNdodana yomuntu, hhayi—hhayi—hhayi—hhayi iNdodana kaNkulunkulu manje; iNdodana kaNkulunkulu eNdodaneni yomuntu. KuHezekeli, isahluko 1, ivesi 2, uJehova wabiza uHezekeli ngeNdodana yomuntu, khona impela uJesu azibiza ngakho Yena uqobo. Niyakuqonda lokho, ngokufundisa kweviki. Manje, niyabo, yini iNdodana yomuntu na? Eyesiprofetho. Wayeyini uMalaki 4 na? Ukuba abengumprofethi. Zaziyini lezizinto ukuba zenzeke ngezinsuku zokugcina na? Manje, Akazange asho ukuthi nini. Wathi ziyokwenzeka, futhi zenzeka. Manje, nina, uma Esalokhu eyiNdodana kaNkulunkulu, iNdodana yomuntu; elungele ukwembulwa ngezinsuku zokugcina isesihlalweni sobukhosi sikaDavide, njengeNdodana kaDavide. Niyabo, bhekisisani, manje-ke uma E... Uma lokho kunjalo, Wethembisa lokho, Ubophezelekile kuleloZwi. Ubophezekile kuleloZwi.

165 Manje thintani umphetho wengubo yaKhe ngokukholwa kwenu. Futhi ngenze lezizisho. Uma kungokukaNkulunkulu, kuzofezeka; uma kungesikho okukaNkulunkulu, akuyikufezeka. Futhi yilokho okuyiqiniso kuphela, nibone ukuthi lokhu kuyikho yini, siphakathi kwamakholwa noma qha. Manje uzofanele ube yikholwa, ngokufanayo njengoba nami ngiyikholwa. Nizofanele nikukholwe lokhu ukuthi kuyiqiniso. Uma nikukholwa, kuzokwenza. Manje khulekani, ngamunye wenu, kholwa ngendlela yakho uqobo.

166 Asiqale ohlangothini olulodwa, nje sinake uhlangothi olulodwa. Futhi nje, ngifuna loluhlangothi ngapha oluncike obondeni, ndawondawo, kholwani. Yibani nokukholwa. Ningangabazi. Kholwani nje, nithi, “Nkosi!”

167 Ningangibuki manje, niyabo. Ningangibuka, kodwa, bukani, ukukholwa kwenu makubuke ngaphambili le kwalokho. Ningangibuka ngamehlo okomzimba wenyama, kodwa Mbukeni ngamehlo enu okukholwa, ukuthi UyileloZwi. Futhi—futhi Ushintshe isifihlabuso saKhe nje, niyabo, esuka kulokho obekungenakubonwa kuya kulokho okumenyezelwe ngokoqobo, iZwi lenziwe inyama. Yibani nokukholwa.

168 Manje ningayaluzi manje. Thulani ngempela, nihloniphe ngokuzithoba. Ningayaluzi, emzuzwaneni; kodwa nithule ngempela, nihloniphe ngokuzithoba.

169 Manje, ku, kuyini na? Kuyisiphiwo. Isiphiwo akusikho ukuthatha, njengenkemba, bese uhamba, ushaye ngesibhakela udukluze futhi udonse. Lokho akusikho. Isiphiwo singukuba nje udede wena uqobo endleleni, ukuze uMoya oNgewele ukwazi ukusebenza emzimbeni womuntu. Ungazami ukuthi, “Udumo kuNkulunkulu, nginesiphiwo! Nginesiphiwo, haleluya!”

Awusoze wasithola. Uma nje wazi ukuthi ubudedela kanjani ubuwena buhambe!

170 Kufana nokudonsa igiya. Niyabo? Zishintshe wena ungene ekukholweni, usuka ekungakholweni, hluthula nje igiya elincane emuva lapho, uthi, “Awu, bengihlala njalo ngithi ukunqikaza, kodwa ngempela, manje, ngiyakholwa manje.” Manje bhekisisa ukuthi kwenzekani-ke. Kwenze nje kanye bese ubona ukuthi kwenzekani. Khuleka nje.

171 Futhi ngizama ukusuka mina uqobo emlayezweni, ngingene esiphiweni. Isiphiwo, uku, ukuze iZwi lizazise Lona uqobo nga—ngaso, njengamaHeberu 4:12 kuthi, “Kwahlulele, kwazi imicabango esenhliziyweni.”

172 Khulekela noma yini engalungile kuwe. Khuleka, futhi nje uthi, “Nkulunkulu, ngi—ngingodingayo. Indoda ayingazi, kodwa ngingodingayo.”

173 EGameni likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu, nangokweZwi likaNkulunkulu engisanda kuqeda nje ukulishumayela, ngithatha wonke umoya ophakathi lapha ubephansi kokulawula kwami.

174 Manje, akunandaba ukuthi kwenzekani. . . Kungahle kube khona into ethize eyenzekayo emzuzwini nje. Kunomgxeki ohlezi lapha, futhi ngicabanga nje ukuthi kukhona into ethize elungela ukwenzeka. Niyabo? Ngakho hloniphani ngokuzithoba ngempela nje. Uma noma yini ithola ukuphazamiseka, hlalani nithule nje. Hlalani nithule ngempela, dedelani lowomuntu enze abazokwenza. Nibhekisisa ukuthi kwenzekani. Ake benze ukunyakaza, futhi nibone ukuthi kwenzekani. Nizobona ukuthi ngabe UnguNkulunkulu noma qha. Benifanele niMbone empini. NiMbonile ekuphiliseni; Mbhekisiseni empini. Usathane uzama ngawo wonke amandla akhe ukukwenza. Kodwa nje—nje ake nimeke akwenze kanye, nibone ukuthi kwenzekani.

175 Kukhona omunye umuntu ohlezi ngapha okade ehlushwa, ohlezi phansi ngqo lapha, indoda nomkayo. Owesifazane uyakhuleka. Ikhulekela yena. Isimo sokuguliswa yimizwa, imizwa ebusweni. Ungowesifazane othe ukuzimuka. Umyeni wakhe ufake iyembe elimhlophe. Ubeka izandla zakhe phezu kwakhe. Lelo yiqiniso. Phakamisa isandla sakho, uma lokho kuba yiqiniso, uma kuyilokho okhuleka mayelana nakho. Ungakhathazeki. Kuzonqamuka. Isithembiso, uma uzokholwa. Uthinte ingubo yaKhe.

176 Kunenekazi elihlezi ngqo emuva lapha kulolu hlangothi, liphethwe yinkathazo yabesifazane. Ngithemba ukuthi lona. . . O Nkulunkulu! UNkk. Reed, uyazi angikwazi. Kodwa lelo yiqiniso, akusilo na? Ubukhuleka, “Nkosi, ngihawukele.” Usekuhawukele. Kuzosuka kuwe manje. Kholwa nje ngayo yonke inhliziyoyakho. Ungangabazi. Yiba nokukholwa.

177 Lapha, nanti inenekazi lihlezi khona lapha ekugcineni, lifake isigqoko esibukeka simnyamana. Likhuleka mayelana. . . Yinkathazo. Linenkathazo. Anikuboni lokho kuKhanya kulenga phezu kwalo lapho na? Niyabo? Libhekise ikhanda lalo phansi. Linenkathazo ngamadolo alo. Lalimala emadolweni alo. Lawa futhi lalimala emadolweni alo. Niyabo? Angilazi; uNkulunkulu uyakwazi lokho. Kodwa lelo yiqiniso, akusilo, nenekazi na?

178 Lapha, beka isandla sakho ngaphezulu phezu kwalelonenekazi elilandelayo elihlezi kuwe; woza ngqo uqonde kulo. Liphethwe yisimo sokuguliswa yimizwa. Nalesimo sokuguliswa yimizwa si. . .Linenkathazo yeso. Namehlo lihlinziwe, okuyibangelile. Kunjalo, akunjalo na? Phakamisa isandla sakho. Uma ukholwa!

179 Leli elinye inenekazi liphakamise isandla salo khona lapho eceleni kwalo, kuthe ukulixhuxhumisa. Kodwa isizathu, uma uzo. . .Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi iyini inkathazo yakho na? Isemaqakaleni akho. Uma lokho kunjalo, vayizelisa isandla sakho *kanjalo*. Kulungile.

180 Yini Athi Uyoyenza na? “Nguyena izolo, namuhla, naphakade.” Niyakukholwa lokho na?

181 Nansi indoda ihlezi phambi kwami. Iphethwe yisifo samathambo. Ngempela i. . . Angazi noma izokuthola noma qha. Ithi ukuba yindoda ethi ayibe nguntanga yethu. Iphethwe yisifo samathambo. Ayisiyo eyalapha. IngeyaseDolobheni laseKansas. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphilisa na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi ungubani igama lakho na? Mnu. Francis. Uyakholwa ngayo yonke inhliziyi yakho. Ubezama ukukuphanga kukho, mnumzane. Futhi u— u. . .Ubucabanga ukuthi bengiqonde enye indoda, kodwa bekunguwe. Futhi ngenkathi ngisho lokho, ukuzwa okuxakile ngempela kufika phezu kwakho, okumnandi nokufudumele ngempela. Uma lokho kunjalo, vayizelisa isandla sakho *kanje*.

182 Futhi, umkakho uhlezi lapho, unguNkk. Francis. Uphethwe naye yisifo samathambo. Futhi unenkathazo ngamehlo akhe, nenkathazo ngezindlebe zakhe. Kunjalo na? Kunjalo.

183 Inenekazi elihlezi eduze kwakhe, eduze kwakhe ngqo lapho, liphethwe yimithambo eyimiqhansa. Kunjalo. Linento ethize engalungile ngaphakathi, uhlobo oluthize lwe. . .Yinkathazo yesinye. Linenkathazo yesinye. Nalo lingelaseDolobheni laseKansas. UNkk. Gregg. Kunjalo.

184 Uma ngiyisihambi uqobo kini bantu, phakamisani izandla zenu *kanjalo*, ukuze, ngiqonde ukuthi, kulababantu lapha obizweyo, phakamisani izandla zenu, nina bantu osanda kubizwa nje ke, uma ngiyisihambi.

185 Kuyini na? UNkulunkulu ofanayo Owehla esenyameni yomuntu, futhi udla inyama futhi uphuza ubisi. Futhi uJesu wathi. . .Futhi uAbrahama wathi, njalo, ukuthi Wayengu

“Elohim,” uNkulunkulu ebonakaliswa enyameni. UJesu wathi, “Njengoba kwenzeka ngalowomuhla, lowo Jehova, iNdodana yomuntu futhi, ngesimo sokuprofetha, njengoba Wayenjalo, uyobuya futhi ngemihla yokugcina,” ngaphambi nje kokuba imizimba yenu uzoguqulwa. Thina, besingeke... Niyabo, uSara wayengenakuyemukela leyongane ekulowomzimba, wayengayemukela na? UAbrahama wayengenakuyemukela, emzimbeni wakhe. Umzimba wakhe wafanele uguqulwe. Unjalo nowethu, ukwemukela iNdodana. Thathani iZwi, futhi UyiNdodana. YiZwi. Niyalikholwa na?

Manje kthothamisani amakhanda enu umzuzwana nje.

¹⁸⁶ Ngokwangempela, ngayo yonke inhliziyi yakho, ngabe uNkulunkulu uyalungisiswa ekwenzeni lezizethembiso na? Niyakholwa ukuthi iZwi laKhe liyiQiniso na? Niyakholwa ukuthi laba ofakazi bangofakazi bamanga kuphela, ukuthi babengenakho ukukholwa ukuba bakukholwe ekuqaleni na? Ningabasizi bejaji futhi niyijaji. Bonke abasizi bejaji bazofanele bacabangisise, ijaji lizofanele likhiphe isinqumo sabasizi bejaji. Ngabe senicabangisisile ukuthi iZwi likaNkulunkulu, likaMarku 16, liyiQiniso na? Uma senicabangisisile, phakamisani isandla senu. Ngilethe ofakazi esigcawini, abafika ngendlela efanayo njengale ngemihla yokugcina, futhi bafakazisa ukuthi iZwi likaNkulunkulu laliqinisele. Futhi iZwi likaNkulunkulu lethembisa lokhu ngemihla yokugcina. Futhi ngilapha, nani nilapha, phambi kwenu, ukubavivinya bonke, nonke. Ngamunye wenu ubengabizwa, ngamunye ngamunye, kanjalo, uma nikukholwa. Nibuze lababantu, nixoxe nabo, lapho uMoya oNgcwele obize khona.

¹⁸⁷ “Wenzani manje, Mfowethu Branham na?” Ngizama ukudeda kuKho. Kulokhu kwenzeka nje ndawozonke endlini; niyakubona nje kubanibanika.

¹⁸⁸ Niyabo, ngalokho, ngizama ukunithola ukuba nikukholwe. Yibani nokukholwa kuNkulunkulu. Kukholweni. Uyalungisiswa ekubhaleni lokhu. Ukuqinisekisile, futhi wafakazisa ukuthi kuyiQiniso. Wakuprofetha, eminyakeni engamashumi amathathu edlule, futhi ukufakazisile namhlanje. Wakusho, eminyakeni eyizinkulungwane ezimbili eyadlula, futhi ukufakazisile namhlanje. IZwi laKhe liyiQiniso. Futhi onke amaZwi kaNkulunkulu aphefumulelwe, futhi konke okwaLo kuyiQiniso. NoMarku 16 wathi, “Bayobeka izandla zabo phezu kwabagulayo futhi bayosinda.”

¹⁸⁹ Basizi bejaji, siyini isinqumo senu sabasizi bejaji kulenkantolo kulentambama na? Ngabe uJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade na? Phakamisani isandla senu. [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Senikhohiseke ngokugcwele ukuthi uMarku 16 uyiQiniso, iZwi likaJesu Kristu, “Uma bebeka

izandla zabo phezu kwabagulayo, bayosinda”? Phakamisani izandla zenu. [“Amen.”]

¹⁹⁰ Manje-ke, Sathane, ufanele uhambe. Mnu. Ang’kholwa, awusenamsebenzi phakathi kwethu. Mnu. Mnqikazi, noma Mnu. Ang’bekezeli, angikhathali ukuthi kukuthatha isikhathi eside kangakanani, kuzokwenzeka.

¹⁹¹ Ngabe ningibiza ngekhholwa na? Phakamisani isandla senu uma nikwenza. Ngiyikhholwa. Ngizonikhulekela, ngibeke izandla phezu kwenu. Niyakhholwa ukuthi omelusi benu lapha bangamakhholwa na? Phakamisani izandla zenu. Bangaki abefundisi abakholwayo abakhona lapho na? Phakamisani izandla zenu.

¹⁹² Ngizocela abefundisi abakholwayo ukuba beze lapha umzuzu nje. Ngabe lokho kulungile, melusi na? Kuphelele. Ngifuna wonke umfundisi kulendlu, oyikhholwa, eze lapha futhi ame nami umzuzwana nje. Ngifuna amakhholwa angokoqobo manje. Khumbulani, asibafuni abazenzisi. Sifuna amakhholwa angokoqobo. Wozani lapha futhi nime emsamo. Nizobona into ethize yenzeka manje. “Ngikhholwa ukuthi ungitshele iQiniso.”

¹⁹³ Manje khumbulani, ngokuthula ngempela umzuzu nje, njengoba lababefundisi beza, ngifuna ukusho into ethize kini. Manje ini, kuzokwenzekani na? Isenzo sakho, esenzweni sakho. . . Omunye umuntu uthe nyelele. Kulungile. Isenzo sakho, kusukela kulokhu kuqhubeke, sizoba yisinqumo sakho sabasizi bejaji. Bangaki okukholwayo lokho, phakamisa isandla sakho.

¹⁹⁴ Manje wonke umuntu one—one—ikhadi lomkhuleko, sukuma uye ngale ngakwesokudla lapha, uye ngale *ngapha*. Wena, ngamunye wenu esikheleni senu sezihlalo, yimani ngaphandle ngakwesokudla sesikhala senu sezihlalo, ngakwesokudla sesikhala senu sezihlalo.

¹⁹⁵ Manje bona ngakokunye ukuphela laphaya, nizofanele niphume *ngapha*. Kulungile.

¹⁹⁶ Bonke abalaba *ngapha*, abanamakhadi omkhuleko, sukumani kulesisikhala sezihlalo; kanje, ngakwesokudla. Leso kuzoba ngesokunxele. Ngiyaxolisa. *Lolu* hlangothi ngapha kuzoba ngesokudla senu. Lokho kungakwesokunxele senu. Manje wozani nizungeze ngqo kanjalo, nibumbe umugqa wenu.

¹⁹⁷ Manje nonke nina befundisi wozani lapha futhi nenze umugqa oyidabuli, ukunqamula ngqo ngapha, imigqa emibili yenyuke ngqo ngapha; nizungeze ngqo *lapha* futhi nizungeze ngqo *lapha*, ngamunye wenu.

¹⁹⁸ Manje bangaki kini abakholwayo na? Phakamisa isandla sakho, uthi, “Manje futhi ngifuna ukukhombisa uNkulunkulu ukuthi ngikhholwa ngoqobo ukuthi uMarku 16 uyiQiniso,” phakamisa isandla sakho. “Manje ngiyakwemukela.”

¹⁹⁹ Bangaki khona lapho abangezu kuba semgqeni womkhuleko, abazobe bekhulekela laba osemgqeni womkhuleko, neqembu lonke lethu kanye kanye lizobe likhuleka njengamakholwa na? Phakamisa isandla sakho.

Manje asikhuleke.

²⁰⁰ Nkosi Jesu, Wena unguNkulunkulu. Wena ungomkhulu u “NGIKHONA,” hhayi u “Ngangikhona,” noma u “Ngiyobakhona.” Wena ungu “NGIKHONA,” inkathi yamanje. Akukho mandla angama endleleni yaKho. Wena unguNkulunkulu, futhi akekho onjengaWe. Wenza amaZwi aKho ukuba aqiniswe. Ukufakazisile kithi, ngofakazi kulentambama kulelicala; lababasizi bejaji, kanti futhi nalenkantolo, namajaji azobakhona.

²⁰¹ Siqule icala, ngokungachemi. Sithathe okushiwo yisitha. Sithathe okushiwo ngumshushisi. Sithathe oshiwo ngofakazi bakhe. Sakubuyisa ngofakazi kaFakazi oVikelayo, futhi Ufakazisile ukuthi uNkulunkulu uyalungisiswa ngokwenza lezizitatimende, ngoba Uyakufezekisa, ekholweni, ngabaningi abanye futhi ofakazi kunoma ongakholwayo engaveza ofakazi. Manje siyazi ukuthi lokho kuyiqiniso. Kuncike kuphela uma abantu eLehlulele ngokuyikho, iZwi likaNkulunkulu ukuba libe yiQiniso.

²⁰² Siphe khona, Nkosi, ukuthi wonke umuntu owedlula kulomugqa lapha...Baba, lawa indoda emi lapha. Emva kokuba sengihambile, omunye angahle athi uMfowethu Branham ubeke izandla phezu kwabo, kodwa ngifuna abantu bazi ukuthi lababelusi unalo impela nje ilungelo lokubeka izandla phezu kwabagulayo njengoba noma ubani enalo. Abadingi ukulinda kuze kufike umvangeli wesikhathi esikhethekile othize, kodwa umelusi wabo uqobo unelungelo ukubeka izandla phezu kwabo. Nkulunkulu, siphe lokho, wonke umuntu odlula ngalomugqa wezandla lapha namhlanje; obiziwe futhi wagcotshwa nguNkulunkulu, ukuba abeke izandla phezu kwabagulayo.

²⁰³ Siyazi asinazo izandla ezingcwele, kodwa asizibuki thina uqobo. Sibuka umhlatshelo wethu, uJesu Kristu, onguyena izolo, namuhla, naphakade, Owophayo phambi kwesihlalo sobukhosi sikaNkulunkulu manje, ukusihlanza, ukuba siqhube ukuthuma kwaKhe. Siphe khona, Nkosi, ukuthi wonke owesilisa, owesifazane, umfana, noma intombazane, odlula lapha, uzosuka kulomsamo, ethokoza, ngokufanayo nje njengokuthi uma bebephila ngokujwayelekile futhi besindile futhi bephilile. Siphe khona. Kwangathi lesisinqumo sabasizi bajaji abangabasizi bejaji, abazisho ukuthi kwakuyiso, Ulungisisiwe, futhi kwangathi manje ukwahlulela abakukhiphayo kuzoba isenzo sabo kusukela emva kwalokhu. Sisize, Nkulunkulu, eGameni lakaJesu Kristu. Amen.

204 Mfowethu Roy Borders noma omunye umholi wamaculo, uma uzoza lapha umzuzwana nje futhi uhole. Manje amehlo enu evaliwe.

205 Manje folani emgqeni nje ngqo, njengoba umugqa wenu uza ngokuhambisana. Wozani nedlule lapha. Sikhulekile, ngamunye walawa indoda. Kungakho ngiwabeke phezulu lapha, bekuyilokhu. Manje nina *ngapha* nizodingeka nehle *ngapha* bese nifola ngqo emgqeni nalaba, nalaba lapha, lapho bephuma, niyabo. Kulungile. Manje lindani nje baze ba . . . Lindani baze basuke. Lindani *lomugqa* uze uphume; bese kuba nguwe, nenekazi. Khona lapha, dade, linda khona lapho. Uyabo, linda khona lapho, uyabo. Abangenisi, abanye benu basizeni lapho, niyabo. Niyabo, nifanele nidedele *lo* imigqa iphume, *lemigqa* iphume, *nalomugqa* ubalandele, niyabo, iza yedlula.

206 Manje uma niza nedlula lapha nicabangela nje, niqagela nje, sukani emgqeni; kungahle kukwenze ube mubi kakhulu. Kodwa uma uza wedlula lapha, ukholwa, akukho lutho okuzokususa kuwe. Bangaki owaziyo ukuthi kusukela kulokhu, lesi yisikhathi sokuzazulula na? Wena osemgqeni, thana, “Yikho lokhu. Ngiyakukholwa. Akusekho okunye futhi ukukhononda ngakho. Sekuphelile, khona manje. Sengemukele iZwi likaNkulunkulu.” Uma ungakwenzi, ungezi emgqeni, manje. Kholwa ngayo yonke inhliziyoyakho, futhi uze.

207 UNkulunkulu useziqinisekisile Yena uqobo ngeZwi, nofakazi necala, ukhona khona manje, “nguyena izolo, namuhla, naphakade.” Akusekho lutho olusele kodwa ukubeka izandla phezu kwabagulayo, futhi bayosinda. Nampa abelusi benu. Niyazi bangamakholwa. Bangabalusi benu bezimvu.

208 Futhi angifuni ukuba nibe nomcabango wokuthi mina, uOral Roberts, noma omunye umuntu, nguyena muntu kuphela ogcotshelwe ukwenza lokhu. Wonke umfundisi ugcotshelwe ukukwenza. Lonke ikholwa, noma ngabe lingumfundisi, noma qha, ligcotshelwe ukukwenza. Wonke umuntu okholwayo, unelungelo lokubeka izandla phezu kwabagulayo, futhi bayosinda.

209 Angisho ukuthi umelusi wenu kumbe noma yimuphi umuntu uzobe ethatha isiphiwo sokubona okufihlakeleyo. Abadingi ukuba benze lokho; lolo akusilo ubizo lwabo. Lolo akusilo ubizo lwabo, ukwenza lokho. Lokho kuzoba koyedwa onyakeni.

210 Kodwa—kodwa siyathola, ukuthi uyabizwa, njengekholwa. “Lezizibonakaliso ziyakubalandela,” akukhombi muntu, “abakholwayo.” Kukholweni ngayo yonke inhliziyoyenu manje.

211 Mfowethu uRoy, hola iculo, *Kholwa Kuphela*. Wonke umuntu emkhulekweni. Befundisi, lapho bedlula, bekani izandla phezu kwabo. Noquqaba nabangani, uma nedlula lapha, ningabi nakho nokukodwa ukungabaza emqondweni wenu; yedlulani nje ngqo ngomugqa, niphumela lapha, nithi, “Sekuzazululiwe.”

212 Manje khumbulani, kade ningabasizi bejaji kulelicala. Niphakamise isandla senu ukuthi nibe nesinqumo senu sabasizi bejaji. Wonke umuntu uyaqonda, thanini “amen.” [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Nibe nesinqumo senu sabasizi bejaji. Manje enikwenza emva kwalokhu kuzofakazisa ukuthi ngabe nikhulume iqiniso noma qha. Ukwehlulela kwenu—kwenu kuzokhishwa yilokho enikwenzayo kusukela emva kwalokhu. Okuzoba yikho. Nizoba yijaji nabasizi bejaji. Uma nikhukholwa ngeqiniso, kuzokwenzeka. Uma nizenzisa, akuyikwenzeka.

213 Isizathu, kufakaziswe ngeZwi, ngoBukhona bukaNkulunkulu, ngayo yonke into ekhona. Ngabe ikhona noma yiyiphi into eshiywe ingenziwe na? Uma Ubengeza lapha ngqo, kulentambama, Ubenganiphilisa na? Qhabo, qhabo. Usevele ukwenzile. Niyabo? Ungakho konke. . . Akukho-nto esele ukuba yenziwe manje. Uziqinisekise Yena uqobo lapha, ngeZwi, wafakazisa yonke into. Into kuphela enizofanele niyenze. . . Senicabangisile, nilizwile icala, nisikhiphile isinqumo sabasizi bejaji, manje wozani futhi nikhombise ukwahlulela kwenu. Amen. UNkulunkulu anibusise.

214 Kulungile. [UMfowethu Borders uqala ukuhola ibandla ngokucula elithi *Kholwa Kuphela*—Umhl.]

215 Yibani nikhuleka manje, bazalwane. Futhi nidedele bonke ababangenisi badedele abantu beze bedlule. Sukumani nisondele kakhudlwana manje. Wonk’umuntu athinte lowomntwana, thintani wonk’umuntu. Wonk’umuntu athinte labobantu, ngokukholwa manje. Valani amehlo enu. [UMfowethu Branham nabefundisi bayakhuleka futhi babeka izandla zabo phezu kwabantu. Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

Kholwa kuphela,
Konke kuyenzeka, kholwa kuphela;
Kholwa kuphela, kholwa kuphela,
Konke kuyenzeka, kholwa kuphela.

216 Manje ningalicala kanje, “Manje ngiyakholwa, khona manje ngiyakholwa”? Ninakho na? Phakamisa isandla sakho, uthi, “Ngikukholwa ngempela.” “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakhulwayo!”

Konke kuyenzeka, manje ngiyakholwa;
O, manje ngiyakholwa, manje ngiyakholwa,
Konke kuyenzeka, manje ngiyakholwa.

217 Ngesinye isikhathi esedlule, cishe iminyaka eyishumi nanhlanu eyedlule, ngiyakhumbula ngobunye ubusuku ngibizelwa esibhedlela, kumfana ebulawa wuklilo omnyama. Kwakukhona. . . inhliziyo yayibe yimbi kuye. Nobaba wayelokhu eza emhlanganweni, ukuba—ukuba angilande ngihambe ngiyokhulekela umfana. Nomfana wayethi akabe neshumi nanhlanu, iminyaka eyishumi nesithupha

ubudala. Futhi ngangimatasatasa kakhulu nje, angikwazanga ukukwenza. Futhi ekugcineni... Uma—uma—uma—uma ukuyisa koyedwa, khona-ke ngomunye, niyazi. Ngakho ubaba wayelokhu ebambelele nje, elindile kuze kube yisikhathi. Ekugcineni, ngobunye ubusuku emva kwenkonzo, ngaya esibhedlela. Awu, udokotela wangitshela ukuthi ngangingene. Wathi, “Ngoba, u—umfana unoklilo kuye, futhi wena uyindoda eshadile futhi ungengene bese uthatha lelogciwane.”

218 Awu, ngamcela, “Ngisize nje ngivumele ngingene.” Indoda yayiyiKatolika. Ngase ngithi, ngathi, “UngumKristu na?”

Yathi, “NgiyiKatolika.”

219 Ngathi, “Ukuba umpri ubemi lapha futhi ezama ukuletha—ukuletha umgcobo wokugcina webandla kumfana, ubungakwemukela na?”

220 Wathi, “Lokho kwehlukile. Lowo ngumpri. Wena uyindoda eshadile.”

Ngathi, “Uma ngisayina iphepha, ngithatha sonke isibophona?”

Wathi, “Angeke ngakwenza lokho, mnumzane.”

221 Ngase ngithi, “Ngiyacela.” Ngasho lokhu, “Nginguye impela nje kubo abantu njengoba umpri enganjalokuwe.”

222 Ekugcineni, wangigqokisa konke njengeKu Klux Klan, ngazo zonke lezozinto ezimhlophe, wayesengingenisa, ngase ngiya kumfana. Wayekade equlekile, izinsuku ezimbili noma ezintathu. Inhliziyo yakhe yayisithi nje ayingashayi. Ngiyakhohlwa ukuthi yayiphefumula kanjani; esemncane kakhulu, nje isicishe ingophi, ukushaya. Nobaba omdala nomama wayemi lapho.

223 Futhi ngavele ngaguqa phansi nje, futhi nje umkhuleko omncane olula, ngabeka izandla phezu kwakhe, ngathi, “Nkosi Jesu...” Ngasebenzisa lomBhalo. “Wena wathi, ‘Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.’ Nangu uyise nonina, bebengeke babe nokuphikelela futhi babambelele mina ukuba ngibeke izandla phezu kwalowomfana ukuba kwakukade kungesikho ukuthi babekukholwa. Futhi, Nkosi, bengekeke ngize lapha njengembuqo. Ngikholwa ukuthi engikushilo futhi ngakufundisa kuyiQiniso.” Ngase ngithi, “Ngiyambusisa umfanyana, eGameni likaJesu Kristu; mvumelele aphilile.”

224 Futhi ngenkathi ngisukuma, ubaba nomama omdala baqala ukugonana, futhi bathi, “Akumangalisi, mama! Akumangalisi na!” Umfana wayengakashintshi nakancu; elele lapho nje. Ngase ngi—ngibabuka.

225 Nonesi omncane emi lapho, wayengunesi oyisipesheli, oneziqu, futhi wayelaphaya ebhekisisa umfana. Wayesethi

kumama, wathi, “Ungenza kanjani kanjalo, futhi uyazi ukuthi umfana wakho uyafa na?”

²²⁶ Futhi ubaba omdala, sengathi wayecishe, o, ngiqagele, wayenamashumi amahlanu nesishiyagalombili, iminyaka engamashumi ayisithupha ubudala, wabeka izandla zakhe phezu phezu kwamahlombe akhe, njengoba ubabayi omdala engenza. Wathi, “Mntwana,” wathi, “lowomfana akafi,” washo.

²²⁷ “Mnumzane,” wathi, angazi ukuthi lokhu kwakuyini, uhlobo oluthize umshini oqopha ukusebenza kwemisipha enhliziyweni noma into ethize, wathi, “ukuphefumula kwakhe—kwakhe sekwehle kakhulu, futhi enalesisifo, asaziwa emlandweni, uma sike saze safinyelela kulesosimo, yona ukuba ike ize ibuye ibuye futhi.”

²²⁸ Nokhokho omdala wabrasha amehlo akhe, wayesembuka. Angisoze ngakukhohlwa lokhu. Wathi, “S’thandwa, ubuka ishadi. Yilokho oqeqeshelwe ukukubuka. Mina ngibuka isithembiso uNkulunkulu asenza. ‘Babeka izandla phezu kwabagulayo, bayosinda.’” Umfana uganiwe futhi unabantwana abathathu, isithunywa senkolo eAfrika. Kuya ngokuthi ubukani.

²²⁹ Manje kungahle kubekhona abanye lapha, abafike lapha, abangalitholanga ikhadi lomkhuleko. Ngibuze indodana ezansi lapho. Yathi, “Akukho kungabaza kodwa kunenqwaba emuva lapho, babayi, engalitholanga ikhadi lomkhuleko.”

²³⁰ Mangaki amakholwa alapha-ke na? Phakamisani izandla zenu. Ningakwenza yini lokhu sisacula, “Manje ngiyakholwa”? Manje uNkulunkulu ubemuhle kini. Ningeqwenze yini, njengekholwa. . . Akwenzi nayimuphi umehluko ukuthi izandla zikabani, inqobo nje uma kuyikholwa. Niyabo? Ningazibeka nje izandla phezu komunye nomunye, futhi sizocula leliculo ndawonye, “Manje ngiyakholwa.” Futhi ngize ngibonane nani, uNkulunkulu abenani!

Manje ngiyakholwa,

Nakho-ke, beka izandla zakho phezu komuntu mumbese oseduze kwakho.

Manje ngiyakholwa,
Konke (akunandaba ukuthi yini engalungile,
konke kuyenzeka) ku poss-. . . (EGameni
likaJesu, busisa laba.)

Manje ngiyakholwa, o, manje. . . (“Manje
angenzibona ubungane. Qhabo, lokhu, manje
ngiyakholwa.”)

Konke kuyenzeka, o, manje ngiyakholwa.

²³¹ Manje wonke okukholwayo, phakamisani izandla zenu *kanje*, “Manje ngiyakholwa.” UNkulunkulu anibusise.

Size sibonane! . . . bonane!
 Size sibonane ezinyaweni zikaJesu; size
 sibonane!
 Size sibone; size sibonane!
 UNkulunkulu abe nani size sibonane futhi!

Manje amakhanda ethu ekhotheme.

Size si . . .

²³² Kwangathi uNkulunkulu angabanani, ngeqiniso, ashaye amagagasi okufa esabisayo phambi kwenu, anisuse ekunqobeni niye ekunqobeni. Sukulumbe, kwangathi imizimba yethu ingaguqulwa futhi yenziwe njengomzimba waKhe uQobo okhazimulisiweyo, lapho esingayisayi kubakhulekela abagulayo. Kuze kube ngaleyonkathi, kwangathi uNkulunkulu anganibusisa, size sibonane. [UMfowethu Branham uyahamisha—Umhl.]

Size sibonane!

UNkulunkulu abenani size sibonane futhi!

²³³ Manje asikhothamise amakhanda ethu senzele umkhuleko wokuvala. Ubani ozokhuleka na? [Omunye uthi, “UMfowethu Gibson. UMfowethu Gibson.”—Umhl.] Mfowethu Gibson manje, sisakhothamise amakhanda ethu.



ICALA ZUL64-0621
(The Trial)

LoMlayezo ngoMfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeSonto ntambama, ngoJuni 21, ngo 1964, eMunicipal Auditorium eTopeka, eKansas, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2018 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org